# Mnumzane, Sithanda Ukubona uJesu

Ngiyabonga, Mfowethu Borders.

2 Ningahlala phansi. Ngithatha lokhu kuyinhlanhla enkulu ukuba lapha, emhlanganweni kulobubusuku, ezansi ePort Alberni, phakathi kwabangane abangabahambi nezihambi ezweni, begongobele manje, belindele ukuFika kweNkosi, ukuba bayiswe eMzini ongcono, iZwe elingcono lapho kungekho kufa, kungekho lusizi. Futhi silindele lesosikhathi sokuFika kweNkosi.

3 Kungekudala, ngibe nenhlanhla yokuba nomelusi wenu, uMfowethu Byskal. Futhi saba nolunye. . . uhambo oluncane ndawonye emva kwalokho, uhambo oluncane lokuzingela enhla enyakatho yeBritish Columbia, futhi wangitshela ukuthi wayeshumayela njengesithunywa senkolo kubantu abangamaNdiya, ngapha, e—eSiqhingini. Futhi, o, bengihlala ngifuna ukusiza umuntu othize ozama ukusiza abantu abangamaNdiya. Ngibe nezehlakalo ezimbalwa, ezansi eStates, ngokukhuluma namaNdiya, amaNavajo, nama-Apache, nabaningi babo ezansi lapho, futhi ngithola ukukholwa okuyisimangaliso kangako. NoMfowethu Eddie, engagunyazwanga muntu, ngase ngithi, "Mhlawumbe ngesinye isikhathi ngiyoba nethuba lokudlula ngikusize, Mfowethu Eddie."

Wathi, "Ngingajabula kakhulu ngalokho, Mfowethu Branham."

4 Ngakho silapha kulobubusuku ngesimemo sakhe. Futhi indodana yami, ifike emizuzwaneni embalwa edlule, futhi ikhipha amakhadi omkhuleko ukukhulekela abagulayo. Ngokuvamile asikwenzi lokho ngobusuku bokuqala, lapho kuzoba ngumhlangano omkhulu, size sithole wonke umuntu azinze aze aqonde. Kodwa kulobubusuku, njengoba sinobusuku obuthathu nje, ngithe, "Kungcono ukhiphe amakhadi omkhuleko, futhi—futhi sizokhulekela abagulayo ngobusuku bokuqala, ukuze siqale siqhubeke." Ngi. . .

5 Futhi uyafika, futhi wahlangana nami, wayesethi, "Babayi, kunento eyodwa nje embi ngomhlangano." Wathi, "Ukuba nje ubusuku obuthathu, bekufanele kube amaviki amathathu." Wathi, "Laba ngabantu abathandeka kakhulu."

6 Manje, asilokothi sahlulele abantu ngokuthi banokungakanani, noma ukuthi makhulu kangakanani amakhaya abahlala kuwo, ukuthi bagqoka kanjani, sibahlulela

ngalokho okusezinhliziyweni zabo. Yilapho uNkulunkulu ehlala khona, enhliziyweni. Futhi uma uthola ubulula, ukuzithoba, ukuthandeka, ne. . .yilokho—lokho esikuthandayo. Siyakuthanda nje lokho. Ngazalwa ngokusha eqenjini elincane labantu abafana naleli, ngesinye isikhathi, futhi bengi—ngihlale ngicabanga ukuthi babe—babengabantu abathobekile, abalungile kunabo bonke, futhi yibo engake ngaphila nabo emhlabeni, futhi ngikholwa ukuthi ngiyophila nabo eNkazimulweni eminyakeni engapheli ezayo.

7 Futhi ngiyasikhumbula isehlakalo sami sokuqala ngokukhonzisa amaNdiya, futhi ngicabanga ukuthi laba ngabahlobo abangamaNdiya abahlezi qekelele lapha ngaphambili, ngicabanga nje kanjalo. Futhi ngijabule kakhulu ukuba nani. He, amaMelikana angempela, lokho kuqinisile, umMelikana wangempela, labo uNkulunkulu abanika iMelika, amaNdiya. Ngakho ngibonga kakhulu. Bayiwo. . .

8 Phansi ekujuleni kwemithambo yami kugobhoza igazi elincanyana nje. Ugogo kamama wami uvela ezabelweni. Futhi bengihlala njalo ngithatha lokho kungokunye kwezinhlanhla ezinkulu kunazo zonke, ukusho ukuthi phansi kimi yingxenye, umMelikana ngempela. Ngokuba kukhona imuva elincane, ndawondawo, legazi lomNdiya engijabula kakhulu ngalo, ngibonga kakhulu. Futhi bengihlala ngifuna ukubakhonzisa, ngoba umama wami wayeyinenekazi langempela. Usanda kuya ekhaya eNkazimulweni, isalukazi esesikhulile, esinesehlakalo sangempela sokuphepha ezingalweni zikaKristu. Ngambamba izandla ngenkathi uNkulunkulu eza futhi wamthatha, kamuva nje. Futhi ngiyazi ukuthi wayeyini, nokuthi wayeyis'thandwa kanjani kimi, nomama, futhi ngi—ngiyamthanda. Futhi ngijabula kakhulu kulobubusuku ukukhonzisa abantu.

9 Ngangise-Arizona ngokunye. . .eyokuqala. . .isiqalo sokuqala senkonzo yami, futhi kwakukhona. . .Ngobunye ubusuku, ngiza ngidlula emgqeni womkhuleko, kwaku. . . ngangikhonzisa nabantu abakhuluma iSpanishi, futhi kwakukhona amaNdiya amabili, amabili okuqala engake ngawakhonzisa. Futhi omunye wabo wayengohlulwa uphuzo, nomunye wayenesifo sofuba, wayesohlakeni, udaba.

10 Futhi ngenkathi ngibabona bengena emgqeni, ngama imizuzwana embalwa, ngase ngithi, "Umzuzwana nje." Ngase ngithi, "Baba waseZulwini, lesi yisikhathi sami sokuqala, manje, ukukhulekela e—engikubiza, amaMelika agcwele igazi." Ngathi, "Uma—uma Uke wafuna ngibakhonzise futhi ngiye esizweni sabo, uma Uzobaphulukisa, ngiyaKuthembisa ngizohamba." Futhi ngabakhulekele, futhi ngaphambi kokuba ngifike emhlanganweni olandelayo eCalifornia, ohlulwa uphuzo wayeselahlekelwe yikho konke ukunambitheka kotshwala futhi waba ngumKristu ozelwe ngokusha, futhi onesifo sofuba waba, esikhathini esingangeviki, kwashiwo ngaye ngu—udokotela,

phandle ezabelweni, ukuthi wayephila saka. Ngakho ngabuyela e—esizweni sama-Apache. Angisoze ngakukhohlwa.

11 Ngethemba ukuthi angisithathi isikhathi esiningi kakhulu manje. Sengijwayele njalo ukukhuluma isikhathi eside kakhulu. Wonke umuntu uhlale engitshela ukuthi ngikhuluma isikhathi eside kakhulu; lokho okwabantu abamhlophe, hhayi okwamaNdiya. Yebo, mnumzane. Si. . .ngashumayela intshumayelo emfushane ngoluny'usuku ezansi etabernakele lami ekhaya, amahora ayisithupha nje, yilokho kuphela engakushumayela. Ngakho. . .Kodwa thina—thina maNdiya asijahi neze impela, niyazi. Ngakho si—sinenqwaba yesikhathi sokulalela.

12 Futhi ngakho ngenkathi. . .Ngakho, lokhu. . . ngalobobusuku bangiyisa ezabelweni. Futhi o he, angikaze ngibone okuningi kangaka! Bona. . .Kwakungubukeka okuhle. Bafika ngezinqola zabo, futhi yonke indawo, kumenyezelwe kuzo zonke izabelo, futhi bahlala phansi emhlabathini. Ngangimi esitebhisini esincane sompheme, indlu yokukhonzela encane, ecishe ime kanje. Kwakukhona amaNdiya amaningi ngaphakathi, futhi. . .Kodwa o, he, i. . .bonke, ingxenye yesizwe, noma ngaphezulu, babehlezi phandle lapho. O, ngikwenza, izinkulungwane ezine noma ezinhlanu, into enjalo, bebuthene ngaphandle.

13 Futhi ngakho, ngangikhuluma ngisezitebhisini zendlu yokukhonzela, ibandla elincane le-Assembly of God. Futhi isithunywa senkolo sasinesikhathi esithile salusa lapho. Futhi ngakho, nganginomhumushi oyedwa, babengasiqondi isiNgisi. Futhi ngakho, nganginomhumushi oyedwa, okwakuyinenekazi.

14 Awu, ngazama ngendlela elula engangingendlala ngayo iBhayibheli kubo, futhi—futhi ngiyakhumbula bavele bahlala babukela, niyazi. Lokhu ngikusho ngothando, umNdiya, lapho esekholisekile, akalokhothi anyakaze. Kodwa ungokuthile okufana nokudlisa ihhashi, alidli esitebeleni okungesiso. Niyabo? Ulinda aze aqiniseke ukuthi ukhuluma ngani, ngakho babelindile. Futhi ngakho wayebhekile ukuze abone ukuthi ngangizothini.

15 Futhi ngangilokhu ngibatshela, ngathi, "Manje, nginevoti elilodwa nje, umuntu oyedwa lapha, ezweni." Ngathi, "Ngikholwa ukuthi kwakukhona uhlobo oluthile lwesivumelwano okwakungafanele lwenziwe kumNdiya." Ngathi, "Ngi—ngi—ngiyakukholwa lokho, ukuba esinye isizwe besingenile futhi. . .kungaba nomuzwa obuhlungu ngathi." Kodwa ngathi, "Ngi. . .Yilokho—yilokho umuntu akwenzayo." Ngathi, "Ngizokutshela, kukhona Othize Okuthandayo, lowo nguJesu Kristu, futhi Uzoba nawe khona lapho kuze kube sekupheleni kwendlela."

16 Bahlala . . . Manje, babethi ukuba yinqaba. Ngacela umugqa womkhuleko. Awu, ngalezozinsuku ngenkathi siqala, ngani, asizange sikhiphe amakhadi omkhuleko, yileyondlela kuphela yokugcina ukuhleleka, ngakho-ke, ngangingenawo amakhadi omkhuleko, ngase ngithi, "Ingabe ukhona, phandle lapho, ofuna ukukhulekelwa na?" Nomhumushi washo okufanayo, akekho noyedwa owanyakaza. Awu, ngacabanga, "He, ngiqagele ngeke ngibe nomugqa womkhuleko."

17 Ngakho emizuzwini embalwa, isithunywa senkolo somNdiya sabuyela emuva, nesithunywa senkolo esimhlophe, futhi sacosha abanye abantu ngaphakathi. Owokuqala owaphuma kwakungowesifazane omkhulukazi, onamandla. Kwathi nje lapho yena . . . Ngambuka ebusweni. Abaningi benu, ngiqagele uMfowethu Eddie unitshelile ngenkonzo. Wayenesifo samasoka, hhayi ngenxa yokuthi wayeziphethe kabi, kodwa ngenxa yendlela okwakumelwe aphile ngayo. Futhi lapho ngimtshela lokho, wangibuka ngokuxakile ngempela. Ngakwazi kanjani lokho na? emva kokuba sengikuchazile emBhalweni.

18 Olandelayo kwakungumfana omncane onezinxemu. A—angisoze ngakukhohlwa. Futhi umama . . . ngathi, "Uyamkholelwa umfana na?" Futhi i—inenekazi lalicabanga ukuthi ngibuze ukuthi yini engalungile ngomfana, ngakho lavele lambamba ngezinwele lase limbuyisela emuva, amehlo akhe amancane ayeyizinxemu. Ngakho ngathatha umfo omncane, ngase ngimnika iqebelengwane likashingamu, niyabo, wayengasiqondi isiNgisi, into ethize enye ethi ukumthulisa, abone ukuthi uMoya oNgcwele wawuhamba ngakuphi. Futhi ngamthulisa futhi ngamlalisa ehlombe lami.

19 Ngase ngithi, "Baba waseZulwini, uma ngingathola umusa emehlweni aKho, makube manje." Niyabo? Ngathi, "Ngikhulekela ukuthi Uqondise amehlo omfanyana, ukuze abantu babone lapho . . . Abakuqondi lokhu, futhi bafanele baqonde ukuthi Uyabathanda." Futhi angibange ngisasho nje lokho, ngabuka ngaphandle, kwaba khona umbono, umfana omncane wayebona.

20 Ngathi, "Manje, ngaphambi kokuba ngimsuse emahlombe ami, uma amehlo alomfana engaqondile, ngokwejwayelekile," ngathi, "khona-ke ngi—ngingumprofethi wamanga. Kodwa uma eqondile, nizokholwa nguNkulunkulu na?"

Wayesethi-ke umhumushi, "Yebo."

Angizange ngibheke, ngavele ngaphenduka *kanjalo*, futhi baqala ukudazuluka. Wayelapho-ke, wayekwazi . . . amehlo akhe eqonde njengoba ayengaba njalo.

21 Ngakho-ke, okulandelayo, khona-ke okulandelayo okwenyuka kwakuyintombazane encane, futhi yayingeyenye, ngiqagele, enye yabelusi esizweni, futhi yayiyisithulu futhi iyisimungulu. Futhi ngakho, ngabathola ndawonye ukuba

bamenze abuke phezulu kimi kancanyana nje. Ngathi, "Yebo, uyikho kokubili isithulu nesimungulu, futhi okwakubangela kwakungumkhuhlane ayenawo cishe eminyakeni emine edlule, futhi wamshiya eyisithulu nesimungulu."

Umhumushi wabuza njengokuthi...washo lokho. Nenenekazi lanqekuzisa ikhanda, inenekazi elalinaye, udade ongumNdiya, "Bekunjalo lokho."

22 Ngase-ke ngithi, "Manje, ngeke ngikwazi ukumuzwa, ngi—ngiyinceku nje kuphela, angeke. Kodwa uma—uma ngizomkhulekela, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphulukisa na?" Wakukholwa. Ngakho ngathatha intombazanyana ngayigona ezingalweni zami, ngase ngiyikhulekela, ngase ngiyibeka phansi. Futhi ngatshela umhumushi, ngathi, "Manje, yisho nje ngesiNdiya, ulwimi lwabo, u—ulimi lwesi-Apache, engikushoyo ngesiNgisi."

"Kulungile."

Ngase ngithi, "Uyayithanda iNkosi uJesu na?"

23 Wayesethi. Wayibuka ngokuxakile impela, yayizwa. Ngase ngithi, "Yitshele isho engikushilo." Futhi lapho sengikushilo lokho, yaphenduka, yabheka kimi, yayizwa. Niyabo? Futhi lapho ibuyela emuva *kanje*, ngathi [UMfowethu Branham ushaya iminwe yakhe—Umhl.] yaphenduka, yabheka, yabona ukuthi kwakungaphi. Ngathi, "Manje, yitshele ukuba ithi, 'Ngiyamthanda uJesu.'" Futhi yahhumuzela okuthile. Ngangingakaze ngiluzwe ulwimi ngempela.

Ngathi, "Uyazi, izokhuluma kangcono emva kwesikhashana."

24 Nenenekazi, lalihumusha, laphenduka, lathi, "Ukukhuluma kwayo kuhle kakhulu manje." Yayikhuluma ngolwimi lwayo. "Ikhuluma kahle kakhulu manje."

25 Manje, ukhuluma ngomugqa womkhuleko! Abangenisi abangamakhulu amabili abakwazanga ukubabamba, yilokho kuphela. Kwakukhona umugqa womkhuleko, angikaze ngiwubone onjalo, njengokunyathelana nje. Futhi wonke umuntu wayefuna ukungena emgqeni womkhuleko, futhi asikwazanga ukukumisa.

26 Futhi kwakukhona...Okulandelayo kwakuyinenekazi eselikhulile. Manje, bampofu kakhulu, kodwa bangabantu bakaNkulunkulu. Futhi lase lilidala kakhulu, futhi lalifanele libe ngolandelayo emgqeni, liza *ngapha*, umfo osemncane kuphela, onesibindi kancane cishe e*phakame kangako*, akhiwe ngokuqinile, eqine ngempela, wavele wafohla, futhi wagijima ngaphezu kwabo bonke abanye, futhi wayezoba ngolandelayo. Nokho, asikwazanga ukumenza aqonde.

27 Ngakho uMfowethu Moore, indoda yayikanye nami, yavele yathatha...kwadingeka ukuthi imgone ngezingalo zayo,

futhi izame ukumtshela ukuthi kwakungafanele ukuba enze lokho, lelinenekazi lalingelilandelayo. Ekugcineni bamenza ukuba aqonde. Nenenekazi eselikhulile elimpofu, balikhipha ekamelweni, ngoba laba babeqale kuqala, mabeze kuqala.

28 Awu, nanti liza, futhi ngaliqaphela. Manje, ku—kuyadabukisa indlela e. . . Lalinezinduku zomshanelo, zinqanyuliwe, nembobo ebhoboziwe yadabula ucezu oluncane oluyithu-bhayi-fo ukwenza ingxenye enqamulayo yenduku yokuqhugela, esongwe ngezindwangu. Futhi lapho liphuma, lalikwazi kuphela ukubeka lezozinduku zokuqhugela *kanje*, bese. . . Isifo samathambo. Niyabo? Lalingakwazi ukunyakazisa imilenze yalo *kanjalo*. Lase-ke likala lezi zinduku zokuqhugela, futhi lona. . .

29 Ngavele ngama nje, ngalivumela lize. Futhi lakhuphuka leza kimi ngqo, futhi labheka phezulu. Into endala bandla yayiqhaqhazela ngenxa yedumbe, amanyimfinifi amakhulu, ajulile ezihlathini zalo. Lapho libheka phezulu, izinwele zalo eziba mpunga, isikhumba zisongeke kuso, lapho zilenga emhlane walo, izinyembezi zazizehlela, ngemibimbi. Ngacabanga, "Umama womuny'muntu." Wayemi lapho.

30 Futhi ngenkathi lingibuka *kanjalo*, angizange ngishozwi kulo. Lathi nje ukumamatheka, leluleka ngale lathatha enye yalezo zinduku zokuqhugela, lase liyibeka kanye nenye induku yokuqhugela, langinika yona, laselihamba liqonda lapho kuhle kwanoma ubani. Niyabo? Niyabo? Ini? Niyabo? Ngathi, "Kwenzeke kanjani. . .?" Ngambuza ukuthi kwenzeke kanjani ukuba abe nalokho kukholwa.

Wathi, "Uma Yena eqondisa izinxemu, Yena eqondisa imilenze." Kwakumlungele ngokwenele lokho. Niyabo?

31 Ukukholwa okulula nje, yilokho kuphela okudingekayo. Lapho uzama ukukucabanga, awukwazi ukucabanga uNkulunkulu, ufanele ukholwe uNkulunkulu. Niyabo? Awu—awu. . . Ungayithathi imfundo, esisusa kuNkulunkulu, kakhulu esikwaziyo emfundweni, kulapho siqhubekela phambili sisuka kuNkulunkulu. Leso yisithiyo esikhulu iVangeli elike laba naso, ukufundisa. Bese becabanga ukuthi bazi kakhulu kunoNkulunkulu. Kodwa uma uzenza ubelula, futhi nje uMkholwe, yilokho kuphela okukudingayo.

32 Enye futhi into encane ngaphambi kokuvala ubufakazi bami. Ngakhuleka ubusuku bonke gologonqo. Kwakuza cishe ngelesithathu noma ngelesine nqo ekuseni, angibange ngisakwazi ukuma, futhi ngadingeka ngimise ukwahlukanisa emva kwelesihlanu noma elesithupha, ngangibabeka izandla nje. Ngase ngiqala ukuqaphela kuza kunqamula. . .

33 Manje, u—umfula ugeleza wehle udabule ezabelweni, futhi lowo nguMfula uSalt, wehla udabula ezabelweni, futhi ujula kakhulu ezindaweni. Futhi ngaqaphela ukuthi amaNdiya

angena emanzi te phezulu okhalweni lwawo. Ngakho ngathi, “Yini inkinga na?” kumhumushi.

34 Futhi wathi, “Babecabanga ukuthi ubunamanga kwasekuqaleni,” wathi, “kodwa bayazi ukuthi yiqiniso manje, futhi bathwele abathandekayo babo. Ifodo cishe ingamamayela ayishumi nanhlanu ezansi lapha, kodwa bahamba ngqo benqamule nga*le*ndlela kanye nabathandekayo babo, bebathwala bebangenisa ubusuku bonke,” ukuba nje lapho ubusuku obubodwa.

35 Olandelayo emgqeni, ongenayo, ekhuphuka emsamo, kwakuyikhehla. Babelenzele uhlaka lokulithwala, bathatha ipulangwe elingaba yi*lobu* bubanzi, futhi babebeke induku inqamule nga*le*ndlela, nenduku nga*le*ndlela. Bese kuthi-ke base belithathile ikhehla balibeka phezulu lapho, nomlenze owodwa ulenga phezu kolunye uhlangothi lwenduku, bese kuba-ke izingalo zalo *kanjalo*. Kwakukhona ezimbili ezinkulu, ezibukekayo, izinsizwa ezazilithwele, zimile lapho nje, nezindebe zazo ziluhlaza okwesibhakabhaka, ziqhaqhazela. Kuyabanda ogwadule, kubanda impela ekuseni kanjalo. Babeqhaqhazela, belindile, ngibabonile beza benyuka ngomugqa.

36 Ngaqhubeka ngikhulekela abantu, ngibabeka izandla nje, ngikhuleka lapho bedlula. Ngakho lomfo wasukuma lapho, wayeqhaqhazela, ebambe *kanjalo*, ikhehla. Ngathi, “Umanzi.” Wathi . . . Wangibuka, ngase ngithi. “Ukhulula isiNgisi na?”

Wathi, “Kancane.”

Ngathi, “Awusabi yini, uthola inyumoniya na?”

“Cha.” Wathi, “UJesu Kristu uyanginakekela nje. Ngilethe ubabayi wami.”

“Mm, mm.” Ngathi, “Ubani lowo ongakolunye uhlangothi na?”

“Umfowethu.”

37 Ngathi, “Mletheni.” Wayengakwazi ukukhuluma isiNgisi. Umfo wayenedumbe, eqhaqhazela *kanje*, okwakubonakala kuyisifo esikhulu phakathi kwabo, lokho kanye nomfutho omningi ezinhlamvini zamehlo. Ngakho nga—ngathi, “Mnumzane, uyakholwa eNkosini uJesu Kristu na?” Nendodana yakhe yasho lokho kuye, niyazi, futhi yanqekuzisa ikhanda layo yenza. Ngathi, “Kulungile. Uma ukholwa manje, ukukholwa okulula nje, uNkulunkulu uzokusindisa.”

38 Ngabeka izandla zami phezu kwakhe, ngathi, “Baba waseZulwini, ubabayi wabo, akungabazeki kodwa wazabalaza izinsuku eziningi ukwenzela labo bafana ukudla.” Ngathi, “Manje, ba—bayakholwa, futhi bamthwale bamweza kulowomfula lapho, futhi—futhi besuka le ezabelweni, mhlasimbe kube ngamahora ukumletha lapha.” Ngathi,

"Impela, ngikholwa ukuthi Uzomsindisa. EGameni leNkosi uJesu, ngiyakucela; ngibeka umkhuleko wami phezu kwe-altare laKho futhi ngikholwe." Ngase ngithi, "Kulungile. Manje, myiseni ekhaya, futhi ningangabazi."

"Ngiyabonga," baqala bahamba.

39 Ngase ngithi, "Olandelayo." Kwakhushulwa kwalethwa olandelayo, emva kwesikhashana ngezwa umuntu mumbe (ngangikulovulandi) ebanga umsindo, nawo wonke amaNdiya edazuluka futhi ememeza. Ngabuka phansi lapho, futhi ikhehla lalitshethe ipulangwe, liphuma, livayiselisa wonke umuntu. Lokho kwenzile . . . Lokho . . . Manje, ningabona ukuthi kungani ngithanda ukukhonzisa amaNdiya. Niyabo? Ayakholwa.

40 Manje, ngifuna . . . ngilapha ukusho lokhu, umfowethu—wethu, dadewethu, nakubantu abamhlophe futhi, niyabo, kini nonke. Silapha ezweni, nezimo zezulu, nokunye nokunye, sishintsha imibala yethu yesikhumba. UNkulunkulu, ngegazi linye, wenza bonke abantu, sonke siphuma ku-Adamu, noma ngabe simhlophe, sinsundu, simnyama, siphuzi, sibomvu. Noma ngabe siyini, sonke siphuma esihlahleni esisodwa, u-Adamu, umuntu wokuqala kaNkulunkulu, futhi ngakho-ke, sinjengabahambi.

41 Nomaphi, sengizungeze umhlaba izikhathi eziningana, futhi angikaze ngibone okwamanje, lapho esake sabathola khona abantu ababethanda uNkulunkulu, ngaphandle kwababengabantu abamangalisayo. Bengilokhu ngiphansi lapho bengazi nokuthi bekuyisiphi isandla sokunene nesokhohlo. Abazi ngisho nokugqoka izingubo, bahhundulwe baba nqunu, babengazi lutho, babengazi ngisho nokuthi babenqunu, abesilisa, abesifazane, abafana, amantombazane, abazange bazi lutho ngakho. Kodwa yimani lapho, futhi nibavumele bemukele uKristu, futhi bemukele uMoya oNgcwele emi lapho, benza izinto ezifanayo enizenzayo. Niyabo? Futhi ngaphandle kokutshelwa, bakwenza noma kanjani, niyabo, ukuthi kukhombisa ukuthi uMoya oNgcwele ungowasemhlabeni wonke. Niyabo? Ukhona yonke indawo, Uyafana, emhlabeni jikelele.

42 Ngakho lapho lesosikhathi esikhulu sifika, lapho uJesu wethu efika, kuzakuba noyedwa e . . . ababili embhedeni, lapho okusebusuku, "Ngiyothatha oyedwa ngishiye oyedwa," ababili ensimini, lapho kusemini, ngakolunye uhlangothi lwezwe, "Ngizothatha oyedwa, ngishiye oyedwa." Niyabo, kuzoba yonke indawo. Ukuvuka, uHlwitho olukhulu lweBandla luzofika, futhi sonke sizoya eKhaya ndawonye. Khona-ke abadala bayophenduka abasha, futhi, o, kuzoba yisikhathi esimangalisayo.

43 Manje, bangane abangamaKristu, nakuMfowethu Eddie, nezisebenzi zabazalwane abangabefundisi lapha, nakini

phandle lapho, asikho lapha ukumela noma yiliphi ibandla elithile lehlelo. Silapha ngenxa yothando lukaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Silapha, hhayi ukwenza amalungu anoma yiliphi ibandla elithile, kodwa e *i*Bandla. Futhi linye kuphela iBandla empeleni, futhi lelo yiBandla leNkosi yethu uJesu Kristu. Futhi asiLijoyini, "NgaMoya munye sonke sibhaphathizwa eMzimbeni munye," oyiBandla likaKristu, uMlobokazi waKhe, siba ngamaKristu kanjalo-ke. Futhi siyaMthanda, futhi ngiyazi bonke. . . bonke banjalo.

44 Manje, sinazo izinhlangano, amahlelo, kulungile lokho. Lokho kuhle, kodwa inqobo nje uma ningawudwebi umugqa, nithi, "SiyiLo, futhi anisilo." Niyabo? Li. . . Siyi—siyiLo sonke, uma sibhaphathizelwa eMzimbeni. Futhi ngithe, "Sengibe nomndeni wakwaBranham manje ngaphezu kweminyaka engamashumi amahlanu, futhi abakaze bangicele ukujoyina umndeni." Niyazi ukuthi kungani na? Ngazalelwa kuwo, ngangi—nganginguBranham ngokuzalwa. Futhi yileyondlela esiba ngayo umKristu, kungokuzalwa. Kungakhathaleki ukuthi singabaliphi ibandla, singamaKristu ngokuzalwa. Bese kuthi-ke ngokuzalwa, kuletha ukuPhila kwaKhe kithi futhi kuveza ukuPhila kwaKhe ngathi. Niyabo?

45 U. . . Uma ubungathatha amanzi esihlahla, ukuphila, esihlahleni sama-aphula futhi ukubeke emvinini wamagilebhisi, lowomvini wamagilebhisi ungathela ama-aphula, niyabo, ngoba ukuphila okwaku. . . kuthela ama-aphula, imbewana isekuphileni, futhi ibiyothela ama-apula emvinini wamagilebhisi. Kuya ngokuthi hlobo luni lwempilo olungaphakathi kukho. Niyabo? Kunjalo.

46 Manje, uma ubungathatha isihlahla samapentshisi nesihlahla samapheya, bese ukhipha u—ukuphila kwesihlahla samapentshisi, ukhiphe nje konke ukuphila, bese ukufaka ngale esihlahleni samapentshisi, konke ukuphila nokunci, akusekho ukuphila kwesihlahla samapheya kuso, kodwa ukuphila kwesihlahla samapentshisi, bekuyothela amaqabunga epentshisi. Futhi besiyoba—besiyoba namaqabunga epentshisi, futhi sithele amapentshisi, ngoba sinempilo yesihlahla samapentshisi kuso.

47 Futhi akunandaba ukuthi isoni sibi kangakanani, sikhohlakele kangakanani, zibi kangakanani, ukuthi kangakanani kongakholwayo, uma nje ungakwazi ukukhipha kuye yonke leyompilo endala yongakholwa, niyabo, ufake ukuPhila kukaKristu kuye, uyoba umuntu ohlukile. Kunjalo. I—impela uzoba njalo, impela uzoba ngumuntu ohlukile.

48 Futhi ngiyalikholwa iBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Ngikholwa ukuthi Liphelele. Futhi Lona. . . futhi angeke kususwe lutho kuLo, noma kwengezwe lutho kuLo.

49 Manje, isendlalelo, ngingumIrishi ngokozalo, ngakho ngakho-ke, abantu bakithi babengamaKatolika. Kodwa ebandleni lethu...ekhaya lami uqobo abakaze bashade esontweni, baze...babengabalutho, futhi yilapho engaluthola khona ubizo lwami. Cishe nizitholile izincwadi, futhi nazifunda, ze, *Umlando Wempilo Yami*. Ngase-ke ngibizelwa kulenkonzo.

50 Manje, ngenkathi ngiqala ukuba ngumKristu, noma ukukholwa kuKristu...Kusukela kumfana omncane kwaqala ngami, ngenkathi ngangi, kuqala, ngenkathi ngizalwa. Ngenkathi ngizalwa, lokho kuKhanya, enikubona esithombeni lapha, kwakulenga phezu kwembhede wengane engazalelwa kuyo, phezulu le ezintabeni, kungekho ngisho ne—nephansi elenziwe ngamapulangwe, uthuli nje. Futhi sasingenalo ngisho ne...babengenalo ngisho netafula, uBaba wasika ucezu lwesiqu, wayesebeka imilenze kuso njengetafula. Futhi nganginombhede omncane owenziwe ngamakhoba ommbila. Angazi noma ngabe niyazi lokho...amakhoba aphuma ombileni, ikhoba, futhi benza umcamelo nombhede ngalokho. Futhi yilapho engazalelwa khona, ngehora lesihlanu nqo ngokunye ukusa. Futhi ngangingenayo ngisho ingilazi efasiteleni, umnyango omncane nje owuphushela ngaphandle, futhi—futhi khona-ke lokho kuKhanya kungena; futhi kukhombisa ukuthi uNkulunkulu akadingeki abe nesigodlo ukuba eze kuso, ikhaya elithobekile nje, noma ubani ozokholwa.

51 Futhi manje, ngikholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu liphelele kakhulu ngangokuthi singeze saLihumusha ngokungesikho. Sifanele nje siLifundise ngendlela eLiyiyo, futhi siLiphile ngendlela eLifundiswa ngayo. Manje, ngi—ngiyakholwa manje...Manje, njengoba umpristi angitshela, wathi, "UNkulunkulu uzokwahlulela izwe ngebandla." Awu, uma kungebandla, yiliphi ibandla na? IKatolika, uhlangothi olulodwa, nanto iRoma eliKatolika lithi, "Yithi," iKatolika lamaGreki lithi, "Yithi." Futhi o, he, izigaba ezehlukene—ezehlukene zobuKatolika, yisiphi kuzo esiqinisile na? Niyabo?

52 Bese-ke nithi, "Awu..." Bese-ke iLuthela lithi, "Siyibandla," iBaptisti ithi, "Siyibandla," iMethodisti ithi, "Siyibandla," iPentecostal ithi, "Siyibandla." I—i...Awu, kunamahlelo angamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisithupha ehlukene, ngakho yiliphi eliyibandla na? Kungaba ngokudidayo kakhulu. Niyabo? Kodwa uNkulunkulu uzokwahlulela abantu ngeZwi laKhe, ngoba lelo yiZwi.

53 Manje, ngale eNcwadini yeSambulo, yathi, "Oyokhipha noma yini eNcwadini, noma enezele noma yini kuYo, kuzobanjalo, isabelo sakhe sizosuswa eNcwadini yokuPhila." Manje, ngikholwa ukuthi Liphelele kakhulu, yingalesosizathu sinokufa namhlanje, usizi, ukugula, lamathuna phandle lapha, wonke umuntu owake wafa, yonke ingane encane ehluphekayo, konke ukugula kwakungoba ngenkathi u-Eva

ehluleka ukukholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu lalenele, akalethembanga iZwi likaNkulunkulu, futhi lokho kwaletha ukufa.

54 UNkulunkulu unike iBandla laKhe, uNkulunkulu angeke aguquke, ngakho uNkulunkulu wanika iBandla laKhe iNto ezedlula zonke, futhi lapho uNkulunkulu eke enze isinqumo Akasoze athi, "Benginephutha." Niyabo? Ingabe niyakuqonda na? Bhekani. UNkulunkulu. . .Mhlawumbe ngikhulumela phezulu kakhulu, nge—ngethemba ukuthi anginjalo, ngi. . . uNkulunkulu angeke neze aguqule isinqumo saKhe. Lapho ngisho noma yini, noma wena usho noma yini, singabanesiphelo, lokho kusho ukuthi umuntu nje. Futhi sithi, "Ngonyaka ozayo sifunda okuningi kunalokho ebesikwazi ngonyaka odlule." Ngi—ngi. . .Niyabo, ngi—ngiya ngokuya ngihlakanipha, niyakwenza, ngamunye wethu uyakwenza, kodwa hhayi uNkulunkulu. Akanasiphelo, lokho kusho ukuthi Uphelele kwasekuqaleni. Zonke izinqumo ziphelele, Akasoze ashintsha ezaKhe.

55 Bukani, ukuze ningakuqondi ngokungesikho, ensimini yase-Edeni, lapho umuntu eqala ukona futhi wazehlukanisa, wazihlukanisa noNkulunkulu, inhlanganyelo noNkulunkulu, manje wazama ukuzenzela inkolo, wathunga amaqabunga ndawonye ukuze azimboze. Kodwa inkolo yakhe eyenziwe ngumuntu ayizange isebenze, futhi uNkulunkulu wenza isinqumo ngomnikelo wegazi, Wabulala izilwane ezithile, wathatha izikhumba wabamboza.

56 Manje, leso kwakuyisinqumo sikaNkulunkulu, ensimini yase-Edeni, ukusindisa umuntu nokuba nenhlanganyelo nomuntu ngeGazi elichithiwe lesidalwa esingenacala, futhi Akakaze akuguqule. Asisoze sakwazi ukuza endawenu, sithi, "Sonke sifanele sibe ngamaLuthela; sonke sifanele sibe ngamaKatolika; sonke sifanele sibe yi*lokhu* noma *lokho*." Kodwa yindawo eyodwa uNkulunkulu ahlangana kuyo nomuntu, futhi lokho kusezisekelweni zeGazi elichithiwe, iGazi likaJesu Kristu, iNdodana yaKhe. Kwakunjalo ekuqaleni.

57 Kwa-Israyeli, umuntu wahlangana kuphela. . . UNkulunkulu wahlangana nomuntu kuphela ngaphansi kwegazi elichithiwe, ezinsukwini zikaJobe, igazi elichithiwe kuphela. Kwehle njalo emlandweni kube igazi elichithiwe, ngoba lokho kwakungukwazisa kokuqala kukaNkulunkulu kumuntu, ukuthi amsindise kanjani, ngegazi.

58 Niyabo, lapho uNkulunkulu ake enze, Ubizelwa enkundleni ukuba enze, manje, ningakukhohlwa lokhu, lapho uNkulunkulu ngesinye isikhathi ebizwa uku. . .esigcawini ukuba enze, indlela Enza ngayo okokuqala, ngaso sonke isikhathi lolo—lolodaba lubizwa futhi, kumbe noma yiluphi udaba olufana nalo, Uzofanele enze ngendlela efanayo Enza ngayo ekuqaleni, noma Wenza ngokungalungile ngenkathi Enza kuqala.

Manje, niyaqonda ngokucacile ngempela na? Abangane bami abangamaNdiya bayakuqonda lokho kucace ngempela na?

59 Bukani, ngamanye amazwi, uma—uma umuntu onile, futhi uNkulunkulu wathi, "Ngizo—Ngizomsindisa ngaphansi kwegazi elichithiwe," lokho ngukuthi . . . Manje, nomuntu olandelayo uyafika, Uzofanele amsindise naye, umuntu olandelayo, umuntu olandelayo, nawo wonke umuntu. Bese kuthi-ke uma umuntu egula, futhi uNkulunkulu waphulukisa umuntu wokuqala ezisekelweni zokukholwa kwakhe kuNkulunkulu, yileyondlela uNkulunkulu aphulukisa ngayo umuntu wokuqala, futhi manje wonke umuntu ozayo emva kwalokho, Yena, ngokukholwa ekholwa, uNkulunkulu ufanele enze into efanayo. Uma Engenzanga, Wenza ngokungesikho kumuntu wokuqala. Manje, niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini na? Wayenephutha ngenkathi Enza kuqala. Niyabo? Ngakho Uzofanele enze okufanayo isikhathi ngasinye.

60 Manje, wena uthi, "Awu manje, mhlawumbe lokhu bekungasho lokho." Ungakukholwa neze lokho. Lonke iZwi uNkulunkulu alikhulumayo Ulisho iPhakade. Niyabo? IZwi linguNkulunkulu, niyabo, ngakho Lingehluleke.

Manje, awu wena uthi, "Awu, akwenzi mehluko." Yebo, kuyawenza, bangane.

61 Manje bukani, ngenkathi uLoti ebizwa aphume eSodoma, nina bantu niyayikhumbula indaba na? Impela. Manje, iNgelosi yathi kuLoti nomkakhe, umndeni wakhe, "Ningabheki emuva." Futhi manje cabangani ngalowomama, umkaLoti, abantwana bakhe babesha, ezansi lapho, eZahlulelweni zikaNkulunkulu, abazukulu bakhe babesha eZahlulelweni zikaNkulunkulu. Futhi wamane waphendula ikhanda lakhe ukuba abuke emuva, futhi umi lapho, nanamhlanje, njengesiduli sikasawoti. Siyakwazi lokho. Niyabo? Kuyawenza umehluko. Lapho uNkulunkulu esho noma yini, Usho lokho nje Akushoyo. Manje, bangaki kulesi sakhiwo, kokubili umNdiya nomhlophe, abakholwa ukuthi uNkulunkulu usho khona impela Akushoyo, ukuthi A—Angeke akuguquke, Usho lokho Akushoyo na? Kulungile.

62 Manje—manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini laKhe, futhi ngifuna . . . Ngizokhuluma nani kancanyana nje ngeZwi. Manje, asisoze salishiya iZwi. Sifanele sihlale . . . Ngiyalikholwa iZwi. UNkulunkulu angenza izinto eziningi Angazilobanga eBhayibhelini laKhe. Kodwa inqobo nje uma ngi . . . Uma nje ngiMbona enza lokho Akulobile, lokho kwanele kimi. Myeke nje . . . Kanjalo nje. Ngi—ngiyakukholwa lokho, khona-ke siyazi ukuthi siqinisile.

63 Manje, kubazalwane bami abakhonzayo lapha, abefundisi basesontweni, ukuze . . . Bangabenu . . . Labo ngabelusi benu. Manje, eTestamenteni eLidala, uNkulunkulu wayenendlela

yokuthola, noma, abantu babenendlela yokuthola ukuthi umlayezo wawuqinisile noma qha. Manje, ngenkathi umprofethi eprofetha, noma umphuphi ephupha iphupho, babemehlisela ethempelini, lapho isivikelo sesifuba sika-Aroni sasinawo wonke lawomatshe esifuba, ayishumi nambili, futhi ngenkathi lomprofethi eprofetha kulelotshe, noma umphuphi walandisa iphupho lakhe, uma (Lokho kubizwa nge-Urimi neThumimi.), futhi uma lezozibani zingabanekanga phezu kwaleyo-Urimi neThumimi, khona-ke, akunandaba ukuthi kuzwakala kungokwangempela kanjani, kwakuyiphutha. I-Urimi neThumimi yayifanele ikhulume noma kwakuqinisile noma kwakungaqinisile. Niyakwazi lokho, bazalwane. Kunjalo. Awu manje, lokho kwakungokobupristi bobuLevi. Manje, lokho uNkulunkulu akwenza lapho . . . Manje, Akaguquki neze, khumbulani, Angeke aguquke, Ufanele ahlale.

64 UJesu, ngenkathi Efika, Wathi, "Nibazwile ezikhathini zakudala, 'Ungabulali,' kodwa Ngithi noma ubani othukuthelele umfowabo ngaphandle kwesizathu usembulele kakade." Ngabe kunjalo na? Manje, niyabo, Akazange—Akazange akuguqule, Wavele wakukhulisa, wakwenza kwaba kukhudlwana. Niyabo?

65 Wathi, "Nibazwile ezikhathini zakudala, 'Ungaphingi,'" wayefanele abe sesenzweni ukuba abe necala, Wathi, "kodwa Mina ngithi kini, yilowo nalowo obuka owesifazane ukuba amkhanuke usephingile naye kakade enhliziyweni yakhe." Niyabo? Wakukhipha esenzweni sangempela wakuyisa ekukhanukeleni isenzo, niyabo, wakwenza kwaba kukhulu ngokwedlulele.

66 Manje, ngenkathi i-Urimi neThumimi, esivikelweni sesifuba sika-Aroni, kwaguqulwa, kwalethwa eZwini, "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi aliyikudlula." Niyabo? Khona-ke kufanele kube ngokweZwi.

67 Manje, asikhothamise amakhanda ethu, umzuzwana nje, ngomkhuleko, futhi sizo—zosondela kuYe. Manje, ngobusuku obandulela lomhlangano wobusuku obuthathu nani bantu abathandekayo, ngiyazibuza phakathi kwenu, kulobubusuku, ngabe sikhona isicelo eningathanda ukuba sikhunjulwe phambi kukaNkulunkulu, usisho kanje, "Nkulunkulu, Uyayazi inhliziyo yami, kunento engiyidingayo, ngizophakamisa isandla sami. Futhi, Nkulunkulu, ngaphambi kokuba lomhlangano uphele, lomhlangano wobusuku obuthathu, ngiphe ukuphulukiswa komzimba wami, noma okodadewethu, okomfowethu, okuka—kamama wami, ubaba, noma okwensindiso," kumbe noma yini oyidingayo.

68 Uma unesidingo esinjalo, ungavele uphakamisele isandla sakho kuNkulunkulu na? Makwazeke nje, lapho uphakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, ngikhumbule." Kulungile. Manje, asikhuleke.

69 Baba wethu waseZulwini, sisondela esiHlalweni saKho somusa, besingeze ngeSihlalo sokwaHlulela, iSihlalo sobukhosi sokulunga, besingeke sime lapho, ngokuba ngokulunga besingafanele sibe nelungelo lokuza, ngokuba besiyizoni. Kodwa size ngeSihlalo sobukhosi somusa, Ositshele ukuthi sinamalungelo okuza.

70 Futhi manje, Baba waseZulwini, Uyazi i. . . okusemva kwalezizandla eziphakanyisiwe. Phansi ngaphansi kwalapho bekukhona inhliziyo, futhi kuleyonhliziyo bekukhona isicelo. Nkulunkulu, siphe ukuthi ngaphambi kokuba lobubusuku obuthathu budlule, ukuthi bonke bayophendulwa. Siphe khona, Nkosi. Sindisa abalahlekile, phulukisa abagulayo, Nkosi.

71 Manje, siyazi ukuthi Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaKho siphilisiwe thina. Manje, siyaqonda, Baba waseZulwini, ukuthi ngenkathi Ufela izono zethu, khona-ke sonke isono emhlabeni sathethelelwa, kodwa akusoze kwasisiza, size siMemukele njengoMsindisi wethu kulesosono. Kodwa umbuzo wesono uye waxazululwa ngenkathi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, efa ukuze asuse isono sezwe.

72 Futhi siyafundiswa ukuthi ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina. Manje, siyazi ukuthi ukuphulukisa sekuvele kuxazululiwe ebusweni bukaNkulunkulu, ngoba iNdodana yaKhe uQobo yashaywa ngokuphulukiswa kwethu, "Ngemivimbo yaYo siphulukisiwe thina." Futhi siyazi ukuthi singakwamukela ukuphulukiswa lapho sikukholwa, njengoba nje samukela insindiso.

73 Manje, Baba, Uzoza yini phakathi kwethu futhi usazise ukuthi Uvusiwe kwabafileyo, ukuthi Uyaphila namuhla, futhi u. . . Wena u, usalokhu unguJesu onothando ofanayo, nokuthi isikhathi siyasondela. . . ?[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ubuka umhlaba kulezizinto ezayo, Wathi leso kwakuyisikhathi sokuphakamisa ikhanda, ngoba ukuhlengwa kwethu kuyasondela.

74 Umprofethi wasitshela ukuthi kuyoba nosuku olungebizwe ngokuthi ubusuku noma imini, kuyoba wusuku olukhwantabele, inkungu eningi, kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuyakuba ngukuKhanya. Futhi ilanga elifanayo eliphuma empumalanga yilona elishona entshonalanga, i l-a-n-g-a elifanayo elinqamula isibhakabhaka. NeN-d-o-d-a-n-a kaNkulunkulu efanayo efika empumalanga futhi yathulula uMoya oNgcwele kulolu izinsuku zokugcina, ngesikhathi sokuhlwa, ngapha oGwini lwaseNtshonalanga, idonse inkungu futhi yathulula uMoya oNgcwele ukunikeza ukuKhanya kwakusihlwa, njengoba nje Ethembisile. SiyaKubonga ngakho, Baba.

75 Manje, ngiphezulu lapha phakathi kwabagongobali be. . . lababantu abaligugu abahlala lapha, babheke ukuFika kweNkosi. Manje siyakhuleka ukuthi Uzoziphakamisa Wena

uqobo phambi kwethu, ngendlela yokuthi sizokwazi ukuthi Ulapha.

76 Futhi lapho sesihamba, kulobubusuku, ukuya emakhaya ethu ehlukene, sengathi singasho njengalabo, ababevela e—eMawuse, ngalolosuku emva kokuvuka... Wahamba nabo usuku lonke golokonqo, futhi abakwazanga Wena. Futhi ngenkathi Ubathola ngesikhathi sokuhlwa, futhi wabangenisa ngaphakathi futhi wavala iminyango, khona-ke Wenza into ethile ngendlela Oyenzile ngaphambi kokuba Ubethelwe, futhi bazi ukuthi akekho owayengakwenza njengaWe, futhi lowo kwakunguWe. Base begijima, futhi bathi, "Impela, iNkosi ivukile; Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho ekhuluma nathi endleleni na?" Siphe khona, Nkosi, kulobubusuku, njengoba siya emakhaya ethu.

Sengathi singayibona iNkosi uJesu evukile, khona lapha kulesi sakhiwo, iphulukisa abagulayo, futhi ibonisa umusa kubo bonke. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

77 Manje, ngale eBhayibhelini elidala elibusisiwe, futhi okwendikimba nje... Futhi manje, ngifuna nilalelisise ngempela manje, futhi ngizothatha nje isikhathi sami futhi ngizame ukuchaza lokhu ngokwedlula konke engingakwenza. Manje, uma nizobambisisa lokhu ngempela...

78 Manje, bonke abangane bami abangamaNdiya bayasazi isiNgisi. Ngabe kunjalo na? Bonke bayakwazi ukukhuluma isiNgisi? Kuhle. Wonke umuntu olapha ukhuluma isiNgisi, amaNorwegi, nokunye nokunye? Niyabo, ngifuna wena... Ngempela, bengizothi uma bebengakwenzi, ngizoba nomuntu othile ozofika azohumushe, ngoba angifuni nikugeje lokhu.

79 Manje, niyizethameli ezinhle kakhulu, bengingavele ngime futhi ngikhulume amahora, futhi—futhi ngi—ngiyanithanda ngoba ngiyazi niyayithanda iNkosi yethu.

80 Manje, ngifuna ukufunda izindawo ezimbili emBhalweni. Futhi enye yazo itholakala kuJohane oNgcwele 12:20, isahluko se 12 nevesi lama 20, enye iyindikimba yethu yomkhankaso wethu, amaHeberu 13:8.

81 Manje, lona umlayezo omncane nje ohlelekile esivamise ukwethula inkonzo, bese kuthi-ke sizokhulekela abagulayo. Bese kuthi-ke kusasa, mhlawumbe, nizoqonda kangcono. Khumbula ukufika endlini yokukhonzela kusenesikhathi.

82 Futhi manje, kuzoba nomfana lapha, indodana yami, noma uMfowethu Eddie, noma uMfowethu Roy, noma omunye wabo, omunye ozoba lapha namakhadi omkhuleko. Futhi benyusa lawamakhadi omkhuleko phambi kwenu, bawaxube wonke, bese behla futhi banikeze wonke umuntu ikhadi lomkhuleko, ukuze umfana owaxovayo, angabi nandawo yokuhlanganisa lutho nalelo khadi lomkhuleko elinikezwayo.

83 Bese kuthi lapho ngiza emhlanganweni, asazi neze nje ukuthi umugqa womkhuleko uzoqalaphi. Singahle siqale emashumini amahlanu, singahle siqale emashumini amabili, singahle siqale eshumini, singahle siqale kwelokuqala, singahle siqale ekhulwini bese sibuya, noma kanjani nje. Noma ngubani oseke wathamela imihlangano (nina bazalwane, ngiqagele nithamelile), niyazi ukuthi lokho kuyiqiniso. Ngakho ngakho-ke awudingi ukuba nekhadi lomkhuleko, uma unokukholwa nje. Ngokuvamile kuba khona cishe ezethamelini ezilishumi eziphulukisiwe lapho oyedwa ephulukiswa emsamo. Yiba nje nokukholwa futhi ukholwe.

84 Manje, uJohane oNgcwele, isahluko se 12, ivesi lama 20:

> *Futhi kwakukhona amaGreki athile phakathi kwalabo abenyukela ukuzokhuleka emkhosini:*
>
> *Bona-ke beza kuFiliphu, waseBetsayida . . ., bamcela, bathi, Mnumzane, sithanda ukubona uJesu.*

Manje, kumaHeberu 13:8, lathi:

> *UJesu Kristu unguye izolo, . . . namuhla, naphakade.*

85 Manje, ngizokwenza indikimba ngalokho futhi ngisho lokhu: *Mnumzane, Sithanda ukubona uJesu.* Manje, bangaki abangathanda ukuMbona na? Ake sibone izandla zenu. Bangaki nje manje na? Siyabonga ngentshisekelo yenu yokubona iNkosi yethu.

86 Manje, njengoba nginitshelile, ngikholwa ukuthi iBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu, futhi Lifanele libe yilokho impela uNkulunkulu akushoyo, futhi Ufanele agcine zonke izithembiso, kungenjalo akusilo iZwi likaNkulunkulu. Niyabo, uma ku . . . uma lokho . . . Uma Engasigcini isithembiso saKhe, khona-ke akusilo iZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu angeke abe nguNkulunkulu, enze isithembiso bese angasigcini. Niyabo? Qhabo, qhabo. Lokho kungaba umuntu. Lokho kungaba incwadi eyenziwe ngumuntu. Kodwa iNcwadi kaNkulunkulu iyiZwi likaNkulunkulu.

87 Manje, manje, lamaGreki ayezwile ngoJesu, kodwa ayengakaze ambone uJesu. Futhi ayeseza komunye wabafundi bakaJesu, ogama lakhe lalinguFiliphu, waseBetsayida laseGalile, bayesethi, "Mnumzane, sithanda ukubona uJesu." Manje, wayeyinceku kaJesu, ngakho wamyisa phambi kukaJesu, wayesemkhombisa uJesu.

88 Manje, iBhayibheli lasho lapha, uPawulu ebhala kumaHeberu 13:8, ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa nonke lokho na? Kulungile.

89 Manje, uma lawomaGreki ayefuna ukubona uJesu, futhi nifuna ukubona uJesu, futhi enye yezinceku zikaNkulunkulu yathatha futhi yabakhombisa uJesu, futhi uma Enguye izolo,

namuhla, naphakade, kungani inceku kaNkulunkulu ingazange iMbonise kini namuhla uma Esenguye na?

“Awu,” wena uthi, “kodwa Wafa.”

90 Yebo, kodwa Wabuye wavuka. Niyabo? Akafile. Uyaphila. Niyabo? Akafile, Uyaphila. Manje, umzimba waKhe wenyama, leyo yinyama, wanyuswa phambi kukaNkulunkulu, uhlezi esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu. NoMoya oNgcwele wabuya wehla, okwakunguMoya kaKristu, futhi uhlala eBandleni. Uyakukholwa lokho, akunjalo na? Manje, uma besingabuza lombuzo, “Mnumzane, sithanda ukubona uJesu na?” futhi manje uma uJesu, i. . .

91 Mina, ngiyisithunywa senkolo, ngihamba yonke indawo emhlabeni jikelele. Futhi ngangiseBombay nje, eNdiya, lapha esikhathini esingeside esedlule, lapho engabungazwa khona ethempelini lamaJain, inkolo yamaJain. Futhi kwakukhona izinkolo eziyishumi nesikhombisa ezehlukene ezazimelwe kulelothempeli, ngaleyontambama, ukuba zikhulume nami, futhi zonke zazo zazimelene nobuKristu.

92 Manje, kucabange, bakhonza izithixo, izilwane, futhi abanye babo bakholelwa ekuphindeni uzalwe, okungukuthi, ufa uyinto eyodwa, futhi ubuye ungenye. Kwakuyisiphithiphithi esibi kakhulu owake wasibona, kodwa ngenkathi iNkosi yethu uJesu efika enkundleni, lokho kwakwenza. Ngathatha lendikimba efanayo ngaphambi kwezinkulungwane ezingamakhulu amahlanu ngalobobusuku, lokho yingxenye yesigidi sabantu abahlezi enkundleni enkulu yezemidlalo, inkundla yemidlalo yaseshashalazini, njengokuthi, futhi ngathatha leyondikimba efanayo, lapho abakaMohamede, nabakaBhuda, amaSikh, amaJain, o he, konke okwehlukene ongakucabanga, kanye noRajas behlezi emicamelweni kasilika. IMeya yaseThekwini yayilapho, no—nomfana kaMahatma Gandhi wayelapho, futhi—futhi, o, abaningi kakhulu.

93 Futhi lapho, ngenkathi uMoya oNgcwele uqala ukwembula kubantu. . .Kwase kuthi-ke, kwafika indoda. . .Futhi bacabanga ukuthi kwakungukufunda ingqondo. Kwase kufika indoda eyimpumputhe emsamo, nekhadi layo lomkhuleko, umuntu wesine. Futhi ngabona umbono ukuthi wayezosindiswa, ngase ngiphonsela inselelo yonke inkolo emhlabathini ukuba ize, imnike ukubona kwakhe.

94 Ngathi, “Uma lokhu kuwukufunda ingqondo, woza umnike ukubona kwakhe.” Ngathi, “Pho-ke kungani ungezi na? Umpristi kaMohamede, kungani ungezi na?” Ngathi, “Ucabanga ukuthi. . .angeke ngenze lutho. . .Ngeke ngisho lokho nganoma yini, ngingesaba ukukusho, kodwa ngivele ngabona umbono ukuthi useyabona. Manje, uma engaboni, khona-ke ngingumprofethi wamanga, uma ebona, bangaki

abazokwamukela uKristu njengoMsindisi na?" Izilwandlekazi nje zezandla!

95 Ngathi, "Woza lapha, mnumzane." Futhi Kwamtshela ukuthi waye. . . wayeyimpumputhe iminyaka *emininingi kangaka*, futhi wayeyisinxibi, nokunye nokunye, nakho konke mayelana nokuthi bangaki abantwana ayenabo, futhi ngakho lokho kwakulungile, kodwa babesakholwa ukuthi kwakungukufunda ingqondo, njengokuthi ukufunda umqondo. Niyabo?

96 Futhi ngakho, ngathi, "Manje, ukufunda ingqondo, ku. . . Angazi lutho ngesayense ephathelene nengqondo." Ngathi. . . Futhi noma yimuphi umuntu owazi isayense ephathelene nengqondo akasoze akubiza lokho ngesayense ephathelene nengqondo. Ngakho-ke ba. . . Ngathi, "Manje, uma lokho kunjalo, nina boprofesa besayense ephathelene nengqondo wozani lapha futhi nimnikeze ukubona kwakhe." Kwakuyiqembu elithule kakhulu.

97 Ngathi—ngathi, "Nina bakaMohamede niyizinkolo ezibusayo zezwe." Kunjalo. KunabakaMohamede abaningi kunanoma yimuphi. Ngase ngithi, "Kungani abapristi benu bengezi lapha-ke futhi bamnike ukubona kwakhe na?" Ngathi, "Kuthiwani ngani bakaBuda na?" UBuda waphila cishe eminyakeni engamakhulu amabili nantathu edlule, ifilosofi yaseShayina. . ., noma, isazi sefilosofi saseJapane. Ngathi, "Manje, kungani ungezi futhi umnike ukubona kwakhe na?" Ngathi, "Bengisethempelini kulentambama yamaJain. Nanso i—i," njengopapa, "indoda ephakeme kunawo onke kubo, woza, umnike ukubona kwakhe, ngizojoyina inkolo yakho." Akekho owasho lutho.

98 Ngathi, "Yini indaba ngani na?" Niyabo? Ngathi, "Manje, uma lokhu kuwukufunda ingqondo, khona-ke wozani, ningamakhosi kukho, angiyona, wozani, mnikeni ukubona kwakhe." Niyabo? Ngathi, "Uma uMohamede e. . . othile ufanele abe neqiniso, futhi omunye ufanele abe nephutha, ngeke sibe neqiniso sonke." Yiqiniso lelo.

99 Ngathi, "UNkulunkulu onguNkulunkulu wendalo makamenzele ukubona, khona-ke sizokwazi ukuthi kuqinisile noma qha." Ngase ngithi, "Bengingeke ngikusho lokho ukuba bengingabonanga kakade ukuthi ubezokwemukela ukubona kwakhe." Kodwa ngathi, "Uzobona, futhi uma engaboni, khona-ke ngixosheni eNdiya, ngingumprofethi wamanga, uma ebona, maMukeleni."

100 Ngamqhweba ukuba eze lapho. Kungengaphezu kokuba sengikhulekile, wadazuluka, wayesebona kahle njengoba ngingabona, njenganoma ubani. Impela. Kwase kuthi-ke, babefanele. . . Angikwazanga ngisho nokuphuma esakhiweni, nezinto ezinjalo. Babefanele. . . Babenamasosha ngisho ombutho lapho, o, ngiqagele amasosha ayishumi nanhlanu,

amasosha angamakhulu ayishumi nesithupha ngaphambi kokuba ngize ngifike emotweni, amahora amabili kamuva. Futhi . . .

101 Kodwa kuyini, bangane na? UNkulunkulu, uma Wake waba nguNkulunkulu, UsenguNkulunkulu. Futhi uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo, khona-ke kukhona okungalungile, Wayengeke abe nguNkulunkulu kwasekuqaleni. Ngakho . . . Niyabo? Ngakho Une—Une—Ufanele ahlale enjalo.

Manje, manje, uma besingathi, "Mnumzane, sithanda ukubona uJesu . . ." Manje, uma bengingathi kumaLuthela lapha kulobubusuku, "Nicabangani ngakho na?"

102 "O, impela, ngikholwa ukuthi Usenguye." IBaptisti, iPresbyterian, amaPentecostal, iKatolika, noma yini enye, konke kungaba, "Yebo, Usebandleni lethu, futhi i . . . sinaYe. Si . . . Okwethu lokhu. U—UnguNkulunkulu wethu. U—Unathi."

103 Awu manje, ngiyakukholwa lokho nami, ngizokukholwa lokho kanye nawe. Kodwa manje, umzuzu nje, yinye kuphela indlela yokwenza leyonto ilunge, yinye kuphela indlela yokwazi ngokuyikho, ngukuthola ukuthi Wayeyini izolo. Niyabo? Noma ngabe Wayeyini izolo, Uzofanele abe ngokufanayo namhlanje. Ngabe kunjalo na? Niyabo, akusikho ukuthi ngabe . . .

104 Manje, besingeke sehlele edolobheni ukuyothola indoda, siqalaze . . . Besingathi, "UJesu Kristu unathi." Besingeke siye ezansi edolobheni ukuthola indoda eyayigqoke ingubo ende, nezibazi zezipikili ekhanda layo, noma, imivimbo yameva, nezibazi zezipikili esandleni sayo, noma yimuphi umzenzisi ubengakwenza lokho. Niyabo, niyabo? Kuthatha ukuPhila kuye ukukwenza, niyabo, ukuPhila kwaKhe, ukuPhila koMuntu.

105 UJesu wathi lapha kuJohane oNgcwele, "Okholwa yiMi, u," uJohane oNgcwele 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza." Ngoba ukuPhila kwaKhe . . . Uma sasi, isihlahla sesoni futhi sineSihlahla sikaKristu esifakwe kithi, khona-ke lokho kuPhila bekuyothela izithelo, ncamashi samapentshisi nje esihlahleni samapheya, noma okunye nokunye, isihlahla sama-aphula, kunoma yini esasiyiyo. Ngabe kunjalo na? Niyabo, benizofanele nibone ukuthi Wayeyini izolo.

106 Manje, uPawulu ekhuluma lapha wayekhuluma ngezolo, kusho iTestamente eLidala. Lokho Ayeyikho izolo Uyikho namuhla, futhi kuyoba ingunaphakade. Lelo yiTestamente eLidala, iTestamente eLisha, naphakade, onguye izolo, namuhla, naphakade. Niyabo?

107 Manje, Wayeyini izolo na? Manje, ukuba Wayengu—ukuba Wayengenkulu, indoda ecebile izolo, Ubeyoba ngenkulu, indoda ecebile namuhla. Kodwa ngenkathi Efika izolo, sithola ukuthi Wayengenayo ngisho nendawo yokucamelisa ikhanda laKhe. Kunjalo. "Izinyoni zezulu zinezidleke, izimpungushe

zinemigodi; kepha aNginayo ngisho nendawo yokucamelisa ikhanda laMi."

108 Wa—Wayene. . .Ngenkathi Efika ezweni, Waboleka isibeletho ukuba azalwe kuso, babengenambhede wengane wokuMlalisa, ngakho baMlalisa ebhokisini lotshani. Lapho Efa, Wabethelwa emthini wamaRoma ngaphansi kwesijeziso sokufa. Wayenengubo eyodwa ukuba ayigqoke, yayenzelwe Yena, "elukwe yonke ngaphandle komthungo." Kwadingeka Aboleke ithuna ukuze angcwatshwe kulo. Ngakho-ke akekho kithina omubi kangako.

109 Uza ukukhombisa ukuthi uNkulunkulu wayeyini. Noma yini ephakeme futhi ezidlayo ayiyena uNkulunkulu. UNkulunkulu uphansi futhi uthobekile, yilokho okwamenza uNkulunkulu. Niyabo, into eyehlayo, hhayi lezo eziya phezulu. Ngakho uNkulunkulu akahlali ezimisweni, nezinto, Uhlala entobekweni. Indlela eya phezulu iphansi. "Zithobe futhi uzophakanyiswa; ziphakamise futhi uzothotshiswa." Kunjalo. Niyabo? UNkulunkulu uyazi ukuthi kwenziwa kanjani. Ngakho ufanele ukhumbule, uzithobe phambi kukaNkulunkulu. Ungazami ukucabanga imicabango engeyakho siqu, cabanga imicabango yaKhe. Niyabo?

110 Futhi zonke izikhali zamaKristu, manje, azibonakali. UmKristu ubheka lokho angakuboni, okwemvelo. Manje bukani, yileyondlela kuphela ongaba ngumKristu ngayo. Ufanele ukholwe nguNkulunkulu, Ongeke umbone. Niyabo, manje bukani. Bhekani lapha. Izikhali zonke zomKristu ziluthando, injabulo, ukukholwa, ukubekezela, ukukhuthazela, ubumnene, ububele, uMoya oNgcwele. Niyabo? Zonke lezozinto azibonwa, azibonwa. Kodwa izinto ezingabonwayo yilezo ezineqiniso, izinto ezingabonwayo.

111 Manje sizothatha uJesu. Sonke siyakwazi ukuzalwa kwaKhe, ukuthi Wabikezelwa kanjani ensimini yase-Edeni, "iNzalo yowesifazane iyakuchoboza ikhanda lenyoka, futhi iyolimaza isithende," nokunye nokunye.

112 Manje, kodwa lapho Efika, Wazalelwa emkhombeni, futhi Wakhulela ekhaya elithobekile, wayesehamba wayohlala nabanye abantu, uMarta, uMariya, noLazaru. Futhi eneminyaka engamashumi amathathu ubudala, uJohane umBhaphathizi waMbhaphathiza emfuleni iJordani, futhi uNkulunkulu wehla, esesimweni sikaMoya oNgcwele. . .kuMoya oNgcwele enesimo sejuba, futhi wangena kuYe, futhi wahlala kuYe.

113 Manje khumbulani, "UNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisela izwe kuYe." Ngabe kunjalo na? Kulungile. "AkusiMi," kwasho uJesu, "owenza imisebenzi, kodwa uBaba waMi ohlezi kiMi, Wenza imisebenzi." Manje, uma ubhala phansi imiBhalo, uJohane oNgcwele 5:19, uJesu wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho

Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza." Manje, khumbulani, hhayi lokho E*zwa* uBaba ekusho, kodwa lokho E*bona* uBaba ekwenza.

114 Ngakho-ke, uJesu akazange enze lutho uNkulunkulu waze waMkhombisa, ngombono, ukuthi enzeni kuqala. Uma Engazange, umBhalo unephutha. UJohane oNgcwele 5:19 wathi, "Ngiqinisile, Ngithi kini," lokho kusho ukuthi ngokuphelele, "Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza, neNdodana iyakwenza kanjalo. Ngokuba uBaba uyasebenza, nami Ngiyasebenza kuze kube manje." Ngamanye amazwi, Wavele walingisa emdlalweni weshashalazi lokho uNkulunkulu uBaba, aMkhombisa ukuba akwenze, ngoba uNkulunkulu wayekuKristu.

115 Manje, uMathewu 3, Kwathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo," ngenkathi Ehla, iPhimbo likhuluma kuLokho, uNkulunkulu, elalehla, njengejuba, uJohane wafakaza eLibona, NePhimbo livela kuKho, lithi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, kuYo, eNgithokozile ukuhlala *ku*Yo." Futhi uma bengizokwenza ukuze nikuqonde kangcono, ukuthi abahumushi bokuqala kuyiKing James. . . Uma uthola isiGreki sakuqala, sifundeka kanje: "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile ukuhlala kuYo." Kodwa niyabo, kuyinto efanayo. "Engithokozile ukuhlala kuYo." Niyabo? "Ngithokozile ukuhlala eNdodaneni yaMi." Khona-ke Waba ngu-Emanuweli, uNkulunkulu unathi.

116 Manje, manje, manje, uJohane oNgcwele, ngifunde kini, uJohane oNgcwele 12:20. Manje, asibuyele kuJohane oNgcwele, futhi siqale, futhi nje sihlale kuJohane oNgcwele, kulobubusuku, sibonisa ukuthi imiBhalo iyini kuJohane oNgcwele ngaYe. Manje, sizobona ukuthi singakwazi yini ukuthola ukuthi Wayeyini, kulobubusuku, kusasa ebusuku sizojula kancane kukho, futhi ngobusuku obulandelayo, silokhu siqhubeka nje.

117 Qaphelani manje. UJohane oNgcwele, asi. . . Sifunda isahluko se 12, asibuyele emuva futhi sifunde isahluko 1 manje, sithe manje, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayenoNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu." Manje, niyakuthola na? "Ekuqaleni wayekhona uLizwi."

118 Manje, liyini *izwi* na? *Izwi* lingu "mcabango oveziwe." Ufanele ukucabange ngaphambi kokuthi ukusho. Niyabo? Futhi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu." Futhi uma uLizwi wake waba nguNkulunkulu, UsenguNkulunkulu. Niyakubona na? "Futhi uLizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." UJohane oNgcwele isahluko 1, "ULizwi waba yinyama, wakha phakathi. . . " ULizwi kaNkulunkulu wenziwa inyama phakathi kwethu kuKristu Jesu. Niyakukholwa lokho na? WayeyiZwi likaNkulunkulu lenziwe inyama.

119 Manje, noJesu wathi, kuJohane oNgcwele isahluko 1, futhi esahlukweni se 10 nevesi lama 37, Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa." Ngamanye amazwi, lokho uBaba ayekuvezile ukuthi Wayeyikho, uma Engakwenzanga lokho, khona-ke ningaMkholwa; lokho kuwumqondo kuphela. Niyabo?

120 Futhi kuJohane oNgcwele 5:39, wathi, "Hlolani imiBhalo; ngokuba nicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade kuYo, futhi YiYo efakaza ngaMi." Ngamanye amazwi, WayeyiZwi eliphilayo, WayeyiZwi likaNkulunkulu libonakalisiwe. O, ngithanda kanjani uku—ukungena kulokho: IZwi likaNkulunkulu libonakaliswa, ngamanye amazwi, lenziwa laziwa, iZwi likaNkulunkulu lenziwa laziwa. Ngamanye amazwi, WayenguYe uNkulunkulu ayephila kuye ukuze enze iZwi laKhe laziwe.

121 UKristu wezwakalisa lokho iZwi elalikufundisa. Amen. Nakho lapho okhona. UKristu wayenguKuvezwa kweZwi elalotshwa; uKristu waLizwakalisa. Akumangalisi Asho kulabo baFarisi, abaholi bezenkolo bosuku lwaKhe, Wathi, "Nina bazenzisi," wathi, "uma ilanga lishona lilihle, nithi kuzoba kuhle impela kusasa. Uma libomvu futhi liphansi, nithi kuzobe kunesimo sezulu esibi." Wathi, "Niyakwazi ukwehlukanisa ubuso bezibhakabhaka; kodwa isibonakaliso sesikhathi anikwazi ukusibona. Ngokuba uma beningazi Mina, beniyolwazi usuku lwaMi." Niyabo?

122 Babenenkolo, o, he, inala yakho. Kodwa behluleka ukuMbona njengoMesiya, ngoba . . . Manje, niyazi Akezanga ngendlela eyiphutha; Weza ngayo impela indlela iZwi elakubikezela ngayo, kodwa hhayi ngokwalokho ababekucabanga, babenakho ngenye indlela. Kodwa Ufika ngayo impela indlela iBhayibheli elabikezela ngayo ukuthi Uyofika, kuphela, babeneBhayibheli lihunyushwe ngokungesikho.

123 Angazi noma kungaba njalo yini futhi. Akungabazeki ngaphandle kokuthi ku—kunezincazelo ezehlukene eziningi kakhulu zaLo. Ngakho uyabona, kufanele kube khona okungalungile ndawondawo. Abanye babo bathi, "Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu," omunye uthi, "Izinsuku zezimangaliso sezedlule. UMoya oNgcwele wehlela phezu kwabaphostoli abayishumi nambili kuphela," futhi—futhi abanye basho into eyodwa, kufanele kubekhona into elungile nento engalungile ndawondawo. Kunjalo.

124 Futhi khumbulani, ngaphambi kokuba nibe . . . Uma unedola mbumbulu, lelo yidola lomgunyathi, ngaphambi kokuba lelodola lomgunyathi lenziwe, kufanele kube nedola langempela elenziwe ngalo, uma lingekho, elokuqala. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . kuzofanele kube nenkolo yangempela lokho okwakhiwe kuyo. Kunjalo impela. Bonke baqala

ePhentekoste, kodwa bavele bahamba ngezindlela ezehlukene futhi basuka eZwini.

125 Futhi yingalesosizathu . . . Namuhla, singalindela kanjani ukuthi uNkulunkulu ake enze, futhi abuyisele ibandla eSehlakalweni sePhentekoste, sibe siphika lona impela iqiniso lokuthi Uyakwenza na?

126 Njengoba ngihlale ngisho, "Ku . . . Kungasiza ngani ukondla inyoni ikhanari uvithamini C omuhle, ukwakha amakhulu, amaphiko aqinile nezimpaphe ezinhle, bese-ke ngiyigcina esibiyelweni na?" Bekungeke kusize ngalutho, bekungasiza na? Akunjalo impela. Uma uzoyifunza amavithamini, futhi wenze amaphiko ayo aqine, vele uyikhulule, uyiyeke indize. Yilokho okufanele sikwenze. Sidinga inyoni ikhanari endizayo. Kunjalo. Zidedele, nalezozinto esizikholwayo ngoNkulunkulu, sebenzisa lokho kukholwa. Impela, impela. Siyakukholwa. UngaMncinyi emuva, uthi, "Qhabo, izinsuku zezimangaliso selwedlulile." Qhabo, akunjalo. Sekudlulile kulabo abakholelwa ukuthi sekwedlule, kodwa kulabo abazi kangcono, kwehlukile. Ya.

127 Umfo washo kimi esikhathini esingeside esedlule, wathi, "Angikhathali ukuthi uthini, ukuthi bangaki abantu ofuna ukubakhiqiza," wathi, "Ngisalokhu ngingakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. Qhabo, mnumzane."

128 Ngathi, "Impela qhabo. Kwakungekhona okwabangakholwayo, kwakungokwamakholwa kuphela." Yilokho kuphela. Yilokho kuphela. Ngokwalabo abakholwayo, yilokho kuphela.

129 Manje, sithola uJesu, manje, uzele ukuzozwakalisa iZwi. Manje, Yilokho Ayeyikho izolo, yilokho Ayikho namuhla, yilokho Ayoba yikho kuze kube phakade: IZwi likaNkulunkulu lenziwe laziwa. Ingabe igama elingcono lelo na? Kucabangeni, hhe? IZwi likaNkulunkulu liveziwe, lakhombisa ukuthi LiyiQiniso. Futhi konke uNkulunkulu athi Uyokwenza, Wakwenza. Konke okwakulotshwe eBhayibhelini ngaYe ekwenza, Ukwenzile, ncamashi nje, ngoba WayeyiZwi eliveziwe.

130 Awu, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, nazo zonke lezizithembiso zilenga kulesisizukulwane, Ubengefane ngani namhlanje ukuveza yonke into iZwi likaNkulunkulu eliyithembisile na? Niyabo? Kufanele kube njalo, kuyafana impela, ngoba yiLokho Ayeyikho ngaleyonkathi, yiLokho Ayikho manje, yiLokho Ayoba yikho kuze kube phakade: IZwi likaNkulunkulu liveziwe. Amen. Ngisho nasesikhathi seminyaka eyiNkulungwane esikhulu Uyobe esalokhu eyiZwi likaNkulunkulu liveziwe. O, lokho bekufanele kukuvuthele kanjani ukukholwa kwethu, niyabo, ukwazi ukuthi kulapho. Futhi uma EnguMoya oNgcwele ukukhanya phezu kwaleloZwi . . .

131 Manje, iZwi liyiMbewu. Manje, iningi lenu bazalwane, ni—nilapha, ngicabanga ukuthi, niyalima. Futhi ufaka imbewu emhlabathini, futhi ngakusasa ekuseni uyaphuma futhi uyimbe, bese uthi, "Uhlamvu lwami alukakakhuli namanje," ulubuyisele, ulumboze. Ngokusa okulandelayo, "Ngi . . . Bona ukuthi iyakhula futhi." Ayisoze yakhula kanjalo. Qhabo, qhabo. Ngaso sonke isikhathi uyimba, uyalibazisa. Ngabe kunjalo na?

132 Wenzani na? Uyazi ukuthi umhlaba wenziwa ukuba umile ummbila (Kunjalo na?), noma, i—noma i—imbewu. Futhi utshala imbewu, uyinikele emhlabathini, futhi ukhohlwe ngayo, uNkulunkulu wenza konke okunye. Awu, yileyondlela owenza ngayo ngeZwi likaNkulunkulu, uyaLitshala nje, ungaLimbi. Qhubeka nje nokuLikholwa, futhi uLinikele kuNkulunkulu, UyaLikhulisa. Kunjalo. Niyabo?

133 Noma yisiphi isithembiso uNkulunkulu asenzayo, uvele—uvele usitshale enhliziyweni yakho bese uthi, "Ngesami, uNkulunkulu unginike sona." Niyabo? Manje, ungahle ungayiboni imiphumela njengamanje. Awukaze ubone izitshalo zakho zombila, ngokushesha nje lapho utshale ummbila wakho, kodwa sekungashiwo ukuthi kulapho. Inqobo nje uma uzowushiya wodwa, futhi uqhubeka nokuwunisela, uzo—uzokhula. Ungakhathazeki ngalokho, kuzothatha, uma kuyimbewu ehlumile. Futhi lonke iZwi likaNkulunkulu lihlunyiswa nguNkulunkulu qobo lwaKhe. UNkulunkulu useZwini, ngakho Lizokhula, niyazi Lizokhula.

134 Nakho lapho okhona. Sifanele sithathe iZwi laKhe, siLemukele, siLikholwe, siLinikele, futhi Liyakhula. Kunjalo. Kodwa ungalokhu uLimba manje, uzoLona. Uzokona isivuno sakho ngaso sonke isikhathi lapho wenza lokho. Ngakho vele ukunikele kuNkulunkulu futhi ukukholwe.

135 Manje, isibonelo nje njengokuthi, ake sithi isibonelo nje, ngangiphezulu lapha esiqongweni sentaba ndawondawo, ngigwetshiwe futhi ngingenalutho engingaludla. Futhi ngaphambi kokuba ngithole noma yini engizoyidla . . . Ulofu wesinkwa ubungasindisa impilo yami, nenani lokuthenga ulofu wesinkwa, ake sithi, amasenti angamashumi amabili nanhlanu. Awu, bengiyothi . . .

Omunye uyangena, futhi athi, "Yini indaba, Mfowethu Branham?"

"Ngibulawa indlala, ngizofa."

"Kungani?"

"Anginaso isinkwa."

Awu, wena uthi, "Kungani ungasitholi isinkwa na?"

"Anginayo imali."

"Awu, ulofu wesinkwa ubiza amasenti angamashumi amabili nanhlanu."

"Yebo, mnumzane, kodwa anginawo amasenti angamashumi amabili nanhlanu." Niyabo?

Awu, ubungathi, "Nakhu, Mfowethu Branham, thatha lamasenti angamashumi amabili nanhlanu bese uzitholela isinkwa."

136 O he, bengiyovele—bengiyovele nje ngidansele isiginci esincane yonke indawo. Ngani? Ngingajabula nje ngekota esandleni sami, ukuthenga ulofu wesinkwa, njengoba bengingaba nolofu wesinkwa, ngoba nginamandla okuthenga ulofu wesinkwa.

137 Njengoba nje, *naso* isitolo, konke engifanele ngikwenze nje ukuyibeka phansi, futhi ngithola ulofu wesinkwa. Ngakho ngingajabula nje ngekota esandleni sami ngebengikujabula ngolofu wesinkwa, ngoba kungamandla okuthenga ulofu wesinkwa.

138 Ngakho buyini ubufakazi bokuphulukiswa kwakho lapho ukukholwa na? Akunandaba ukuthi kwenzekani, wena uthi, "Angizizwa ngingcono, unga . . ." *Unga*hlanganisi lutho nakho. Unamandla okuthenga, uyakukholwa. Ngakho qala nje ukudansa ngokudlukudlukuza okuncane, uthi, "Akadunyiswe uNkulunkulu, ngizophila, ngoba nginamandla okuthenga alowo lofu wesinkwa." Nakho lapho okhona. Niyabo?

139 Manje, akukho umuntu ongakuphulukisa, ngoba usuvele uphulukisiwe. Bangaki abakwazi lokho na? IBhayibheli lifundisa lokho. Usuvele uphulukisiwe, "Ngemivimbo yaKhe niphulukisiwe." Niyabo? Manje, akekho umuntu ongakuphulukisa. Futhi ungeke . . . Uma uJesu eme lapha qobo lwaKhe, Ubengenakukuphulukisa, Usevele ukwenzile. Niyabo? Kunjalo impela. Uzofanele ukukholwe.

140 Manje, ngenkathi Ebonakaliswa futhi sibone ukuthi Wayeyini izolo, asiqhubeke nakho nje siqhubeke kancane. Manje, siyazi ukuthi abaprofethi beTestamente eLidala, uNkulunkulu wayehlala enabantu baKhe ukuba bakholwe abaprofethi baKhe. Siyakwazi lokho, asikwazi na? Ngoba iBhayibheli lathi iZwi likaNkulunkulu, iZwi manje elalinguNkulunkulu, leza kubaprofethi. Ngabe kunjalo na? IZwi leNkosi leza kubaprofethi; iZwi leNkosi leza kuJeremiya; iZwi leNkosi leza kuMose; iZwi leNkosi leza ngezindlela ezahlukene kubaprofethi, kwakunguye owayeneZwi likaNkulunkulu. Futhi bona, ngokuba naLo baLibonakalisa. Niyabo? BaLibonakalisa, ngoba Liza kubo. BabenaLo, baLikhuluma, basho khona impela okwakuzokwenzeka, futhi kwenzeka. Futhi yileyondlela abazi ngayo ukuthi babengabaprofethi. Manje, niyakuthola na?

141 Niyabo? IZwi leza kumprofethi, ingxenye, hhayi konke okwaLo, ingxenye nje yaLo yayiyoza kumprofethi. Futhi wayezwakalisa impela ukuthi iZwi laliyini, futhi kwenzeka nje ngendlela akusho ngayo.

142 Futhi uNkulunkulu wathi, "Uma kukhona phakathi kwenu ongowomoya noma umprofethi, Mina iNkosi ngiyoZazisa kuye ngemibono, ngikhulume kuye ngamaphupho. Futhi uma lomprofethi eprofetha, futhi akushoyo kufezeka, khona-ke yizwani lowomprofethi, ngokuba Nginaye." Lelo yiZwi likuye. Niyakuthola na? "Kodwa uma eprofetha, futhi kungenzeki, khona-ke ningamesabi lowomprofethi, ngoba aNginaye."

143 Kodwa niyabo, uma kwenzeka, khona-ke lokho kwafakaza ukuthi KwakuyiZwi likaNkulunkulu kumprofethi. Wakusho, futhi kwenzeka. Manje, njalo babefanele bakholwe abaprofethi babo.

144 Manje, kuDuteronomi, isahluko se 18, uMose, owanikeza u-Israyeli umthetho, wathi. . . wabatshela ngesikhathi sokuphela. Futhi wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa phakathi kwenu, kubafowenu, umProfethi onjengami. Kuyakuthi, yilowo nalowo ongayikuzwa lowoMprofethi uzonqunywa kubantu." Manje, lokho. . . Khona-ke siyazi ukuthi wayekhuluma ngoMesiya, ngoba kusukela phansi, baze babuza ngisho uJohane, "Wena uyilowomProfethi na? Wena uyilowoMprofethi na?" Babelokhu bethi, "Wena uyilowoMprofethi na?" Niyabo? Ngoba babazi ukuthi uMprofethi wayeza.

145 Manje, umprofethi wokugcina weTestamente eLidala kwakunguMalaki, iminyaka engamakhulu amane nento ngaphambi kokuFika kukaKristu. Khona-ke khona manjalo, uKristu uyafika enkundleni, futhi Ubhaphathizwa eJordani nguJohane. UBaba wehla esesimweni sikaMoya oNgcwele, ungena kuYe. Ehlane Uyahamba, ayolingwa ngudeveli izinsuku ezingamashumi amane, bese ebuya ephuma nenkonzo yaKhe. Ake sibheke ukuthi Wayeyini manje, niyabo? Manje siyabona ukuthi Wayeyini. Lokho Ayeyikho kubaprofethi, siyathola. Manje, sizothola ukuthi Uyini. . . lokho Ayeyikho izolo, khona-ke thina, njengoba uPawulu asho, namuhla, khona-ke sithola ukuthi Uyoba yini phakade. Niyabo?

146 Manje nangu Ephuma. Into yokuqala esiMthola eyenza. . . Kwakukhona indoda okuthiwa nguSimoni, futhi yayinomfowabo u-Andreya. No-Andreya wayekade ethamele umhlangano kaJohane, futhi yena, uJohane, wathi, "Nanto iWundlu likaNkulunkulu, elisusa isono sezwe." No-Andreya wahamba naYe, futhi wayeqinisekisile impela ukuthi Lowo kwakunguMesiya. Ngakho uyafika, watshela umfowabo ongumdobi, uSimoni, esimazi ngegama likaPetru, wamtshela, wathi, "Ngimtholile uMesiya. Woza, uMbone."

147 Manje sengiyabona nje. . . Ake sibhodloze singene nje, sibone ukuthi ngabe uSimoni wacabangani. Wathi, "Manje, ake ulinde umzuzu lapha. Manje, ngingumfundi weBhayibheli. Ubabayi wami omdala, ngaphambi kokuba afe, wangitshela, 'Ndodana, kuzoba khona yonke into ngaphambi kokuba uMesiya

afike.'" Ngoba kuhlale kunesigejane samanga esiphakamayo ukumelana noku—kulungile, siyakwazi lokho, yonke iminyaka. "Manje, wathi, 'Manje, kuzobakhona zonke izinhlobo zabantu abafuna ukuba ngoMesiya.'" Futhi lowo nguJesu, uMsindisi. "Wathi, 'Bayoba abaningi babo,' kodwa wathi, 'ningadukiswa, hlalani neZwi, ngokuba lowoMesiya uyoba yileyoNkosi-Mprofethi. NiyoMazi ngoba Uyokwenza isibonakaliso somprofethi. Niyabo? Ngokuba uMose, umBhalo wethu, wasitshela ukuthi uMesiya owayezovuswa phakathi kwethu wayeyoba ngumprofethi onjengaye. IZwi likaNkulunkulu liyoba naYe, Uyobe ebonakalisa iZwi likaNkulunkulu.'" Amen.

148 Niyakuthola na? IZwi leNkosi liyoba naYe, ngoba Wayezoba ngumprofethi, futhi Uyobe ebonakalisa i—iZwi leNkosi.

149 Yingalesosizathu uJesu athi, "Hlolani imiBhalo, kuYo nicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade, futhi Iyafakaza ngaMi. Futhi uma Ngingayenzi leyo misebenzi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma ningenakuNgikholwa, nginguMuntu, kholwani imisebenzi eNgiyenzayo, ukuze nisindiswe." Niyabo? Kuphelele!

150 Manje, babebheke loMprofethi ukuba avuke. Futhi lapho . . . Kusobala u-Andreya ungena egijima, mtshele. O, kungenzeka ukuthi wacabanga, "Andreya, uhambe endaweni ejulile."

151 Ngakho, ngoluny'usuku, wehla ukuze athole uJesu ogwini. Futhi ngenkathi enyukela eBukhoneni bukaJesu, manje, khumbulani uSimoni, igama lakhe lalinguSimoni ngaleyonkathi, kodwa ngenkathi ehamba eBukhoneni bukaJesu okokuqala, uJesu wayengakaze ambone, manje Mbhekisiseni manje, masinya nje lapho engena eBukhoneni baKhe, uJesu wamqalaza wayesethi, "Igama lakho unguSimoni futhi uyindodana kaJona."

152 O, he! Kwamthola lokho. O, Wayengazi kuphela ukuthi wayengubani, kodwa Wayemazi lowobaba wakhe omdala omesabayo uNkulunkulu. Ngakho wayelapho-ke umProfethi, akekho owayengakuphika, Wayelapho-ke, enza khona impela. Wayemazi, futhi emazi noyise. Wathi, "Igama lakho unguSimoni, uyindodana kaJona. Futhi Ngizokubiza . . . Kusukela manje, ngizokubiza ngokuthi uPetru," okusho ukuthi "itshe elincane, isivumo," ngoba uPetru waMvuma.

153 Manje, kwakukhona owayemi lapho ogama lingu—nguFiliphu, lowo esisanda kufunda ngaye eyisa lendoda kuJesu, ukubonile lokho wayesecabanga, "Awusho, lokho kukubeka uphawu, ngoba iBhayibheli lasho ukuthi uMesiya uyoba ngumprofethi. Futhi naNgu, siyaMbona."

154 Ngakho wayenomngane ayetadisha naye iBhayibheli, imibhalo egoqwayo emidala, negama lakhe kwakunguNathanayeli. Ngakho ukusuka lapho uJesu ayeshumayela khona, uma uke waba lapho, kungamamayela

ayishumi nanhlanu ukuzungeza intaba lapha ukuya lapho uNathanayeli ayehlala khona. Ngakho uFiliphu wasuka wahamba wazungeza lapha, ngalolosuku. Futhi ngokusa okulandelayo wathatha uNathanayeli ensimini ekhuleka, wayesethi, "Woza, ubone ukuthi nguBani esimtholile, uJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa."

155 Awu, u. . .Babetadisha imiBhalo ndawonye kusukela besengababafana, baya ebandleni elifanayo, wayesethi, "Manje, awume umzuzu lapha, umzuzu nje. Ingaba khona yini into enhle evela eNazaretha na?"

Wathi, "Woza, ubone."

"Ingaphuma into ethile efana naLeyo . . . ?"

156 Manje, leyo ngenhle—leyo ngenhle impendulo kunoma ubani, "Ungahlali ekhaya futhi ukugxeke. Woza, uthole." Lokho kusahamba kahle nanamuhla. "Woza, uzibonele."

157 Nakhu bezungeza ejikeni, beza ngapho, wathi, "Manje, buka. Uyalikhumbula lelokhehla elithiwa nguSimoni, elalingakwazi ukubhala igama lalo, ngenkathi wena . . . lona . . . lithenge izinhlanzi kuwe, futhi wehluleka ukunika wena . . . alikwazanga ukukunikeza irisidi na?"

"O, ya. Indodana kaJona?"

158 "Yebo. Izolo ukhuphukele ngaphambi kukaMesiya, ukuthi siyaMazi, uMesiya. Wayengakaze aMbone kukho konke ukuphila kwakhe. Futhi Wathi, 'Bheka, igama lakho unguSimoni futhi uyindodana kaJona.' Manje buka, sobabili siyayazi imiBhalo. Futhi iBhayibheli lethu alisitsheli yini ukuthi uMesiya uzoba ngumprofethi na? Futhi nangu Yena, enza lokhu."

159 Awu, uFiliphu akakukholwanga lokho, noma, uNathanayeli. Ngakho wenyukela eBukhoneni bukaJesu, futhi ngenkathi enyukela eBukhoneni bukaJesu, uJesu wambuka ngqo wayesethi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" ngamanye amazwi, indoda elungile.

160 Futhi kwammangaza, wathi, "Rabi," okusho ukuthi "mfundisi," "Rabi, Wake wangazi nini? Awukaze ungibone. Ngani, ngi—ngivela kwenye ingxenye yezwe, ngisanda kungena lapha. Awukaze ungibone, Wazi kanjani ukuthi ngiyindoda elungile na?"

Wathi, "Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, usengaphansi komuthi, Ngakubona." Yeka amehlo!

161 Niyazi ukuthi lesosifundiswa seBhayibheli sathini na? Wathi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli." Ngani? Wabona ukuthi Wayengukubonakaliswa impela kweZwi likaNkulunkulu. Iminyaka engamakhulu amane engenamprofethi futhi nangu Ema, khona impela iBhayibheli elathi Uyokwenza. "Rabi,

Mfundisi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; wena uyiNkosi yakwa-Israyeli."

UJesu wathi, "Ngokuba Nginitshele lokhu niyakholwa na? Khona-ke wozani, niNgilandele, nizobona okukhulu kunalokhu, niyabo."

Kulungile. O, lowo bekunguJesu izolo.

162 Manje, zintathu kuphela izinhlanga zabantu emhlabeni wonke, uma silikholwa iBhayibheli. O, ngiyazi bathi ziningi, kodwa bhekani, sonke saphuma khona, emva kwembubhiso yangaphambi kukazamcolo, lapho izwe labhujiswa ngamanzi, sikholwa lokho njengamaKristu, uNowa wayenamadodana amathathu, uHamu, uShemi, noJafete, futhi sonke sivela kulabo bafana abathathu, kwakufanele.

163 Futhi manje, uma niqaphela, uPetru wanikwa izihluthulelo zoMbuso, futhi lowo kwakungumJuda, oweZizwe, nomSamariya. Manje, uPetru wayenezihluthulelo zoMbuso. Ngosuku lwePhentekoste, wavula iVangeli kumaJuda, iZenzo 7, walivulela amaSamariya, uFiliphu wehla eshumayela kumaSamariya, kuphela ayengaka . . . kholwa, kuphela abasebebhaphathiziwe eGameni likaJesu Kristu, futhi wehla futhi wabeka izandla phezu kwabo, futhi bemukela uMoya oNgcwele. Khona-ke eZenzweni 10:49, wavula iVangeli kwabeZizwe endlini kaKorneliyu. Niyabo? Kukhona bobabili abantu bakaHamu, uShemi, noJafete. Niyakuthola na? Izinhlanga ezintathu.

164 Manje, kwakukhona izinhlanga ezimbili zabo zibheke uMesiya, lowo kwakungumJuda nomSamariya. Kodwa thina ma-Anglo-Saxon, abeZizwe, sasikhonza izithixo, isagila emhlane wethu, futhi sasikhonza izithixo, sasingabheke-Mesiya. Futhi Akazange akwenze lokho ngaphambi kwanoma yimuphi uMesiya, e, qhabo, lesosibonakaliso lapho phambi kwanoma yimuphi oweZizwe, neze, asilotshiwe eZwini. Kodwa bukani, leso kwakuyisibonakaliso saKhe esafakazisa ukuthi WayenguMesiya.

165 Bukani lamaJuda aqinile, uPetru, futhi (Ngubani omunye ebesingamusho na?) abaningi babo, owesifazane onomopho owathinta ingubo yaKhe, uZakewu, phezulu esihlahleni, uBartimewu oyimpumputhe, ukukholwa kwakhe kwaMmisa, futhi Waphenduka, wonke lawomaJuda aqinile. Wakhombisa ukuthi WayenguMesiya ngokuba ngumProfethi owazibonakalisa Yena.

166 Manje, manje, siyathola . . . Sithatha labo bobabili. Sizothatha nje . . . manje, sizohamba . . . sizobuya kusasa ebusuku, sithathe amanye amaJuda amaningi. Kodwa manje, kulobubusuku, siqhubekela koweZizwe, noma, kumSamariya, kukhona olunye uhlanga olubheke uMesiya. Manje, ngenkathi

Esemhlabeni, Uzofanele aZibonakalise kulowo oMbhekile, kufanele.

167 Qaphelani. Manje, lapha Wazazisa Yena uqobo kumaJuda, ngani na? Ekhuluma izimfihlo zenhliziyo yabo, ebatshela ababekwenzile, nokunye nokunye, siyakwazi lokho. Manje, ngabe lokho kwafakazela ukuthi WayeyiZwi na? Bangaki abakukholwayo lokho na?

168 Manje, nibhala phansi imiBhalo, bhalani lona phansi. AmaHeberu, isahluko se 4, cishe ivesi le 12, lathi, "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba kuze kube phakathi kwamathambo nomnkantsha, futhi laHlulela imicabango esenhliziyweni." Ngabe kunjalo, bazalwane na? IZwi likaNkulunkulu lehlulela umcabango osezinhliziyweni zabo. Wababuka futhi wayibona imicabango yabo. Ngabe kunjalo na? Kwakuyini na? KwakuyiZwi. "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, laHlulela imicabango yenhliziyo." Yingalesosizathu bazi ukuthi Wayengukubonakaliswa kweZwi likaNkulunkulu; lowo kwakunguJesu izolo.

169 Manje, Wayesendleleni yaKhe ezansi eJeriko. IJerusalema lihlezi egqumeni, iJeriko lihlezi esigodini. Wayeya eJeriko, kodwa Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya, manje, lowo u—umuzi waseSikari. Wama, Wathumela abafundi baKhe ukuba bayothola abangakudla, kumelwe ukuba cishe kwakusemini.

170 Besahambile, kwakukhona owesifazane omuhle owaphuma lapho, wayengowodumo olubi, siyazi ukuthi usho ukuthini lapho, uhlobo lwelambu elibomvu, kodwa kungenzeka ukuthi wayeyintombazane ethandekayo. Akungabazeki ngaphandle kokuthi wayeyintombazane ethandekayo, kodwa mhlawumbe wayenento ethize eyayibangela lokho, mhlawumbe unina wamphendulela ezitaladini eseyinganyana.

171 Niyazi, sikhuluma kakhulu eMelika ngobuhlongandlebe bentsha, akusibo ubuhlongandlebe bentsha, ubuhlongandlebe babazali. Kwesinye isikhathi intombazane iyona ngoba unina akayenzisi okulungile. Kunjalo impela. Ngakho ezikhathini eziningi iphutha labazali, hhayi abantwana, ubuhlongandlebe bentsha.

172 Ngakho lapha sithola lentombazane esencane, iyaphuma, iyintombi, mhlawumbe esanda kweva eminyakeni engamashumi amabili. Yaphuma . . . Manje, ngike ngaba emazweni angasempumalanga, ngiyawazi amasiko, awashintshi neze. Manje, isizathu sokuthi ingazange ihambe kuse-eli, nezintombinto, emthonjeni, ukuyokha amanzi, yayingavunyelwe, abahlanganyeli ndawonye, futhi ngakho, yadingeka aphume kamuva; ngakho nansi iphuma emini.

173 Futhi benifanele nibone indlela abathwala ngayo amanzi. Banelikhulukazi . . . Akusilo, akusilo ibhakede, yi—yimbiza

yobumba. Yi. . .libamba cishe amagalani amathathu, ngiqagele, futhi linezibambo kulo. Kwase kuthi-ke, bathola umthombo onesigwedlo, futhi bathatha lamahhuku futhi bawacwilise kulezi zimbiza ezinkulu, futhi bawehlise, futhi bawagcwalise ngamanzi, futhi bawagwedle anyuke.

174 Futhi ngibonile amantombazane amancane, qha, awu, amantombazane amancane nje ahlele futhi ebeka enye yalezombiza ezinkulu zamanzi phezu kwekhanda layo, eyodwa ehlombe ngalinye, nesigejane sawo ehambisana exoxa, enikina amakhanda awo, ekhulumisana, engachithi ngisho iconsi, nhlobo. Akwenza kanjani, angazi. Asakwenza, akhulume, njengoba nje amanenekazi engenza, niyazi. Ngakho ayahambisana lapho eqhuba ingxoxo ngempela futhi angalokothi achithe namanzi amancane, futhi asakwenza.

175 Manje, yaphuma ukuyokha imbiza yayo yamanzi, futhi yaqala ukuyehlisa. Manje, lowomthombo, usamile lapho, nje u. . .yilowo uJakobe awunika uJosefa, indodana yakhe. Futhi ngakho, kwakuyindawo encane ebonakala yonke indawo, cishe njengalomsabo phezulu lapha. Futhi lokhu. . .Futhi kukhona udonga nxazonke, futhi khona-ke umthombo womphakathi ulapho abantu bephuza khona. Ngakho yaqala ukwehlisa ibhakede phakathi, noma, imbiza, futhi yezwa Othize ethi, "Sifazane, Ngiphuzise." Futhi laphenduka labheka.

176 Manje, Wayengekho kodwa, cishe, iminyaka engamashumi amathathu nantathu ubudala, kodwa Wayebukeka ngaphezu kwamashumi amahlanu. Niyazi ukuthi iBhayibheli lakusho lokho na? E-hhe. KuJohane oNgcwele 6 ngenkathi Ethi, "NgiyiSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu sivela eZulwini. Oyihlo badla imana ehlane futhi bafile." Wathi, "Kodwa NgiyiSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu sivela eZulwini. Uma umuntu edla lesi Sinkwa akasoze afe." O, baqhubeka bexoxa isikhashana.

177 Futhi ngakho, khona-ke ba. . .Wathi. . .Wabatshela. Washo ukuthi, "Wena u, bonile u-Abrahama, ungakabi ngaphezu kweminyaka engamashumi amahlanu ubudala na?" Wayeneminyaka engamashumi amathathu kuphela, kodwa umsebenzi waKhe kufanele ukuthi waMenza wabukeka enamashumi amahlanu. "Awusiye umuntu owevile eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, futhi uthi Umbonile u-Abrahama na?" Wathi, "Manje, siyazi ukuthi Wena unodeveli, futhi uyahlanya, uyasangana." Niyabo?

Wathi, "Ngaphambi kokuba u-Abrahama abe khona, NGIKHONA." Kwakuxazulula lokho.

Futhi nangu Wayelapha manje, cishe, u—u—umJuda omncane ehlezi laphaya ebhekile nje. Futhi ngakho, Wathi, "Ngiphuzise."

178 Futhi wathi, "Akusilo isiko," babenokwehlukana ngaleyonkathi njengoba sasivame ukuba nakho eningizimu, niyazi, phakathi kwekhaladi nomhlophe. Wathi, "Akusilo isiko kuWe, ungumJuda, ungicele, owesifazane ongumSamariya ukuba . . . noma yini," wathi, "asisebenzelani omunye nomunye."

Wathi, "Sifazane, ukuba ubuwazi ukuthi ukhuluma noBani, ubuzocela kiMi amanzi, futhi Ngikunike aManzi ungezi lapha ukuzokha."

Wathi, "Umthombo ujulile," niyabo, kusewukucabanga kwenyama. "Umthombo ujulile," wayesethi, "awunalutho ongakha ngalo."

Wathi, "AManzi eNgiwanikezayo angukuPhila okungunaphakade, aphuphumayo."

179 Bane . . . ? . . . Wayenzani na? Wayexhumana nomoya wakhe. Niyabo? Exhumana. Ngenkathi Ebamba ukuthi yayiyini inkathazo yakhe . . . Bangaki owaziyo ukuthi yayiyini inkathazo yakhe na? Wayenamadoda amahlanu, wayehlala neyakhe yesithupha. Wathi, "Sifazane, hamba ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Ukhulume iqiniso." Wathi, "Unayihlanu . . . ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje akuyona eyakho, kulokho ukhulume iqiniso."

180 Manje, bukani, ngenkathi Enza lokho phambi kwalawomaJuda, lawomaJuda athi, labobapristi abakhulu, nabafundisi balezozinsuku, bathi, "Ahe." Kwakumele baphendule ibandla labo. Kwakwenziwe, ngakho babefanele batshele inhlangano yabo yebandla okuthize, babengenakukweqa, ngoba babefanele bahlangabezane nodaba.

181 Ngakho wathi, "Ahe." Wathi, "Lomuntu unguBelzabule, inkosana yodeveli," umbhuli, ngamanye amazwi. Wathi, "Ungumbhuli." Futhi noma ubani uyazi ukuthi umbhuli ungokadeveli. Ngakho wathi—wathi, "UnguBelzabule, umbhuli." Kulungile.

182 Futhi ngenkathi ekwenza lokho, Waphenduka, wabheka kulawomaJuda, Wathi, "Ngizonithethelela, Mina, iNdodana yomuntu, ngizonithethelela ngokusho lokhu, ukuhlambalaza iZwi likaNkulunkulu. Kodwa," wathi, "ngolunye usuku," ngamanye amazwi, "uMoya oNgcwele uyeza ukuzokwenza umsebenzi ofanayo, futhi izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa umuntu kulelizwe, noma ezweni elizayo."

183 Ngakho niyabona lapho kusibeka khona. Izwi elilodwa elimelene naLo alisoze lathethelelwa. Lokho ukuhlambalaza uMoya oNgcwele. Ngenkathi beMbona emi lapho ne . . . WayeyiZwi, neZwi laliZiveza njengoba nje iBhayibheli lasho,

futhi bathi, "Ungumbhuli." Futhi niyazi ukuthi kwenzekani kubo, bonke babelahlekile. Impela.

Manje, Nangu emi nalo wesifazane, futhi Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho."

Wathi, "Anginayo."

Wathi, "Usho kahle. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje akuyona eyakho."

184 Yena . . . Ini? Buka lesi sifebe esincane, Waphenduka, futhi wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena." Yeka umehluko! Lowo wesifazane wayazi okuningi ngoNkulunkulu kunengxenye yabashumayeli e-United States, kunjalo, esimweni sakhe.

185 Bukani, wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena. Thina," amaSamariya, "siyazi ukuthi uMesiya uyeza, othiwa uKristu. Futhi lapho Efika, lokho kuyoba yisibonakaliso saKhe." O, he! Yilokho Ayeyikho izolo. Niyabo? Niyabo? "Siyazi ukuthi uMesiya, othiwa uKristu, lapho Efika Uyositshela lezizinto. Ungubani Wena na?"

Futhi Wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

186 Futhi wenzani na? Washiya leyombiza yamanzi, wagijimela emzini, wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini Lo yena kanye uMesiya na?"

187 Futhi abantu emzini bakholwa kuYe ngoba owesifazane wathi Wamtshela ayekwenzile. Ngabe kunjalo na? Awu, lowo bekunguJesu izolo. Manje, kwakungesiyo ingubo yaKhe, bonke babegqoka ngokufanayo. Kwakungeyona indlela Ayeyeka ngayo intshebe yaKhe, noma akame izinwele zaKhe, bonke babezenza ngokufanayo. Kodwa kwakungukubonakaliswa kweZwi likaNkulunkulu kuYe, lahlulela imicabango yenhliziyo. Bangaki abakukholwayo lokho na?

188 Awu, lowo nguJesu izolo; lowo bekungaba nguJesu namhlanje, bekungeke na? UJesu ofanayo, uJesu ofanayo owayenoMose, uMose washiya iGibhithe, ethi ukuthukwa kukaKristu kuyingcebo enkulu kunaleyo yaseGibhithe. Lowo kwakunguJesu izolo. UPawulu wathi, "Usenguye namuhla futhi uyoba njalo phakade." Kungani kunjalo na? UJesu uyiZwi, ukubonakaliswa kweZwi, iZwi lenziwe inyama.

189 Manje, sengivala ngingasho lokhu. Besingama lapha ubusuku bonke, kodwa asifiki neze esiphethweni sakho, ngoba nje yiBhayibheli lonke, sigone nje khona lapho. Niyabo? Manje, khumbula. Lokho kwaba ukuphela kweSimiselo sesikhathi samaJuda, na—namaSamariya, o—okwakuqeda.

190 Manje, bebathathu, labo kwakungabantu bakaHamu noShemi. Manje, kuthiwani ngabantu bakaJafete, lababantu, abeZizwe na? Manje, besingambhekile uMesiya. Futhi babeneminyaka eyizinkulungwane ezine ukukholwa ukuthi

Wayeza. Futhi lapho Efika, abaMkholwanga. Futhi Wenza isibonakaliso sikaMesiya ukufakazisa ukuthi WayenguMesiya, nalawomaJuda ayemiselwe ukuPhila akukholwa.

191 Bukani leso sifebe esincane. Awu, sasiyohlala ngaphandle kwamabandla abo, mhlawumbe elihlelekile, elibandayo, neliqinile, akusisizanga ngalutho. Kodwa ku. . . wamiselwa ngaphambili ekuPhileni okuPhakade. Futhi kwathi nje lapho leyonto isiphelile, ngokushesha wayiqonda. Kwakuyini na? Lokho kuKhanya. . . LeyoMbewu yaphumela ekuPhileni. Yebo. "Bonke uBaba aNgiphe bona bayokuza. Futhi akekho ongeza uma uBaba waMi engamdonsi kuqala." Amen. Nakho lapho ukhona.

192 Futhi kwathi nje lokho kuKhanya kungabaneka, wathini na? Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena. Siyazi ukuthi uMesiya uyeza ukuzokwenza lento. Futhi lapho Efika. . ."

Wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

193 Manje, wayengafanele ukuba aye emzini, kodwa azame ukumvimba. Kungakhathaleki ukuthi wayeyini, zama ukummisa kanye. Kufana nokucisha indlu, futhi yona isha ngosuku olunomoya. O, wayenobufakazi. Wayelazi iZwi, futhi wathi, "Nangu uMesiya lapho, Ungitshele izinto engizenzile. Hlolani imiBhalo. Akuyena yini Yena kanye uMesiya na?"

194 Futhi amadoda athi, "Yilokho-ke," futhi bakholwa kuYe. Akabange esakwenza, Uvele wakwenza kulowo wesifazane oyedwa, wamkhombisa lokho. Futhi wonke amadoda omuzi akholwa kuJesu ngoba owesifazane washo njalo. O, he!

195 Manje, Akenzanga noma yiziphi izimangaliso lapho. Wasuka wahamba, ngoba Wayazi ukuthi uFiliphu wayehla ngqo ukwenza izimangaliso emva kwaKhe ngqo. Niyabo? Ngakho Wavele wakuyeka lokho, wahamba. Babazi ukuthi lowo kwakunguMesiya. Kwanele lokho. Izimangaliso zaziyokwenzeka inqobo nje uma uqonda uMesiya.

196 Manje, bukani. Manje, sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili yesayense yezenkolo, njengoba amaJuda abanayo iminyaka eyizinkulungwane ezine. UNkulunkulu, kwabeZizwe, uyothatha a—abantu beGama laKhe. Niyakukholwa lokho na? Kulungile.

197 Manje, niyakholwa ukuthi sisesikhathini sokuhlwa na? Manje, bukani ukuthi uJesu wathini ngapha. Ngizocaphuna kuwe. . . kuLuka 17:28. UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma," manje, ngiyavala, "ezinsukwini zaseSodoma, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu." Bangaki abake bakufunda lokho na? "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo lapho iNdodana yomuntu ifika." Manje, ngeke—ngeke kwehluleke, Wakusho. Niyabo? Manje, qaphelani.

198 Manje, Waqhubeka futhi wakhuluma ngoNowa, ukuthi babedla kanjani, bephuza, beshada, beshadisa, ukuziphatha okubi kwakho. Wayesethi-ke, "Kanjalo, njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyoba njalo ekuFikeni kwaKhe."

199 Qaphelani. Ngezinsuku zaseSodoma . . . Manje, linda. Kwakukhona indoda eyayibizwe ngokukhethwa, u-Abrahama. Wayengumuntu nje ojwayelekile, uNkulunkulu wambiza lapho eneminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu ubudala, futhi . . . wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu, nomkakhe wayenamashumi ayisithupha nanhlanu, futhi wamtshela ukuthi babezoba nengane. Futhi walikholwa leloZwi iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, futhi waneyikhulu, nomkakhe wayenamashumi ayisishiyagalolunye, nengane yafika.

200 Ngifisa sengathi benginesikhathi sokudlula kulesosifundo esincane nani cishe iviki lapha. O, he! Ngikholwa ukuthi ukukholwa kwamaNdiya bekuyophuma kuthi ngqu esiqongweni setabernakele lapho, niyabo, ukwendlala lokho.

201 Ngisanda kudlula eGrass Valley ezansi lapho e . . . O, he! Futhi eGrass Valley, lapho amateyipu nezinto kwakukade kudlalwe khona, ngaphambi kokufika, futhi ngakuthatha lokho, angikhulekelanga muntu, ngavele ngakuyeka, futhi ngakuthatha lokho ngase ngibeka leyoNzalo ka-Abrahama, nokukholwa kuka-Abrahama, neNzalo ka-Abrahama . . .

202 Hhayi kuphela uNkulunkulu wethembisa u-Abrahama, kodwa iNzalo yakhe emva kwakhe. Futhi siyiNzalo ka-Abrahama, futhi sikuKristu, siyiNzalo yobuKhosi yesithembiso. Wenzani u-Abrahama na? "Biza lezozinto ezazingekho njengokungathi zazikhona, ngokuba uNkulunkulu washo njalo." He! Ngiyabona, ngenkathi uNkulunkulu emtshela, wathi, "Abrahama, uzoba nengane ngomkakho."

203 Manje, khumbulani, amashumi ayisithupha nanhlanu usecela eshumini nanhlanu, iminyaka engamashumi amabili esedlule ukuya esikhathini, ukuguquka kwempilo. Niyabo? Manje, wayesehlale naye kusukela eneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, kwakungekho ngane. Wayengazali . . . Wayeyinyumba, wayengazali, engenangane, futhi nokho, uNkulunkulu wathi, "Uzoba nayo." Futhi, "U-Abrahama akazange angabaze ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina, edumisa uNkulunkulu." Kunjalo.

204 Kuthiwani ngabantwana bakhe na? Leyo kwakuyinzalo yemvelo. Kuthiwani-ke ngeNzalo yobuKhosi ngoKristu, ngokukholwa okufanayo akwamukela ukuba amthole ngakho na? Amen. O, he! Lokho bekuzokuthwala kukukhuphule ngaleya kwenyanga nezinkanyezi, futhi kukukhuphule eMilky White Way, yebo, mnumzane, wedlule iJupiter, iVenus, neMars,

futhi uqhubeke, kulokho kukholwa, niyabo, ukukholwa kuka-Abrahama. Qaphela.

205 Ngiyambona u-Abrahama esho, efika ekhaya ephuma ensimini, uthi, "S'thandwa, lungiselela, sizoba nengane." Ungacabanga nje ikhehla, elineminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala, umkalo enamashumi ayisithupha nanhlanu, lehlela kudokotela, lithi, "Dok, ngikutshela ukuthi, lungiselela, sizoba nengane. Sifuna ukuthoa igumbi lasesibhedlela lilungisiwe."

Udokotela uyothi, "O, o. Yebo, mnumzane. E-hhe," bese eshayela amaphoyisa ucingo ukuba asheshe amqukule, uphambene ekhanda lakhe. Niyabo? Niyabo?

206 Noma ubani, uthatha iZwi likaNkulunkulu, ukholwa iZwi likaNkulunkulu, uthathwa njengohlanya oluncane, niyazi. Banjalo, ngoba balahlekelwe umqondo wezwe, banomqondo kaNkulunkulu. Niyabo?

207 "Lungisa izinto." Awu, manje-ke, izinsuku zokuqala ezingamashumi amabili nesishiyagalombili zedlula, futhi manje, ukuthi uSara omncane walungisa kanjani amabhuzu, niyazi, futhi walungisa wonke amabhuzu amancane, futhi walungisa ingubo emagqabhagqabha, neziqhano, nakho konke, kwalunga. Ngakho uzoba nengane, impela njengomhlaba, kwase-ke kwedlula izinsuku ezingamashumi amabili nesishiyagalombili.

Wathi, "Uzizwa kanjani, s'thandwa na?"

"Akukho okwehlukile."

"Udumo kuNkulunkulu, uzoba nengane noma kanjani."

Manje. . .?. . .bona bathi, "Awu! Bengicabanga ukuthi ubungeke ube nayo."

208 UNkulunkulu wathi, "Zahlukanise nalabo abangakholwa. Woza ngapha kwelinye izwe, uhambe naMi." O, he! "Suka kulabo abangakholwa abadala, bazo—bazokulimaza. Phuma kubo." Kunjalo. Suka kubo, abafuni ukukholwa.

Unyaka wokuqala—wokuqala wedlula, u-Abrahama wakhuphuka wayesethi, "Sara, s'thandwa, uzizwa kanjani na?"

"Akukho okwehlukile, s'thandwa."

"Udumo kuNkulunkulu, ingane izoba yisimangaliso ngonyaka. Haleluya! Sizoba nayo noma kanjani. Gcina amabhuzu elungile."

Awu, cishe iminyaka eyishumi, eyishumi nanhlanu, mhlawumbe iminyaka engamashumi amabili yedlula, wathi, "Abrahama, s'thandwa, lawa mabhuzu asethi ukuguga."

"Zilukele amasha. Haleluya! Ngizoba nayo noma kanjani."

"Awu, kodwa, Abrahama, angizwa kwehluka."

"Akulutho okuzwayo, uNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula. Sizoba nayo noma kanjani, uNkulunkulu washo njalo." O, mfowethu. O, he!

Manje, uneminyaka eyikhulu ubudala, o he, noSarah unamashumi ayisishiyagalolunye, ugogo omncane, niyazi. "Uzizwa kanjani s'thandwa na?"

"Akukho okwehlukile, s'thandwa."

"Haleluya! Sizoba nayo noma kanjani."

209 Bukani lokho uNkulunkulu amenzela khona, Wamguqula, wamenza insizwa futhi, naye futhi. Impela, Wakwenza. Nakanjani. Uma lokho kungalungile, ngenkathi behlela eGerari, kungani akwenza, inkosi yamthanda lowo gogo omncane na? Izifunela is'thandwa, wayesethi, into enhle ukwedlula zonke ake wazibona, wathi, "Umuhle ukukubuka." Ugogo omncane na? Qhabo, wabuyela emuva kowesifazane osemusha, ebonisa khona impela lokho uNkulunkulu azokwenza kuyo yonke iNzalo ka-Abrahama. Haleluya! Yonke indoda nowesifazane, akunandaba ukuthi uneminyaka emingaki, nokuthi umdala kangakanani, uNkulunkulu uzokubuyisela ngesinye isikhathi emuva ensizwweni nentombi futhi, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, ngoba uyiNzalo ka-Abrahama. O, he. Ngikuthanda kanjani lokho.

210 Manje, qaphelani, Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma . . . " Manje, siyambona u-Abrahama ekhuphukela eSodoma, uNkulunkulu wayesebenzane naye iminyaka yonke ngazo zonke izinhlobo zezibonakaliso nezimanga, kodwa manje linda, njengoba Enza eNzalweni ka-Abrahama.

211 Se—sesibe yiPentekoste manje iminyaka engamashumi amahlanu, sibonile ukukhuluma ngezilimi, ukuhunyushwa kwezilimi, sibone ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, izibonakaliso, nakho konke. Kodwa manje, awume kancane, iSodoma lilungiselela ukushiswa, hhayi uzamcolo kaNowa manje, leli yiSodoma, Washo.

212 Futhi bukani ukwanda kokuziphatha okubi ezweni eminyakeni embalwa edlule, iminyaka engamashumi amane, noma okuthize. Bukani ukuthi kukhula kanjani ngosuku, ngehora. Ngidlula ngale eHollywood ngangoluny'usuku, ngaba, noma, esikhathini esithize esedlule, ngaba nebhanoyi, futhi ngafunda lapho ubungqingili eLos Angeles sebande khona, noma, eCalifornia benyuke ngamaphesenti angamashumi amathathu kunonyaka odlule. Niyabo? Impendukezelo, njengeSodoma ncamashi. Umhlaba wonke usujike ngaleyondlela, loluGu lwaseNtshonalanga, lapho impumalanga nentshonalanga sekuhlangane khona lapha. Niyabo? Kunjalo.

Ngakho manje siyabona ukuthi sisezinsukwini zokugcina, njengo-Abrahama, iNzalo yakhe yasebuKhosini isikhuphukele

ezinsukwini zokugcina, njengo-Abrahama qobo lwakhe ekhuphuka ngezinsuku zokugcina.

213 Manje, khumbulani, kuhlala kunezigaba ezintathu zabantu, futhi lapha ngizobabiza ngamagama, lowo ngamakholwa, abazenzisi, nabangakholwayo, bakuso sonke isixuku. Ngakho ni—ninabo. Ngakho babelapho-ke, u-Abrahama wayelapha, iBandla elibizelwe ngaphandle nelakhethwa; uLoti, ibandla elibandayo, eligcina umthetho ngamehlo, ezansi eSodoma, nabaseSodoma.

214 Futhi ngolunye usuku, ngenkathi ihora selizolungela ukushiswa komhlaba ngaleso sikhathi, u-Abrahama wayehlezi phansi kom-oki wakhe. Manje, lalelisisani ngempela, ningakugeji lokhu. Manje, uJesu wathi kuyophinda ngesikhathi sokuphela, ngaphambi nje kokuba Afike.

215 Manje, nakho kwenyuka iziNgelosi ezintathu, nenye yazo kwakunguNkulunkulu. Ngakho Yahlala phansi no-Abrahama, futhi ezimbili zazo zehlela eSodoma futhi zashumayela iVangeli kubo. Ngabe kunjalo na? UBilly Graham wesimodeni ebandleni elivamile eliseSodoma, amadoda amakhulu kanjalo, u-Oral Roberts, ehlela lapho, enza. . .Abazange benze simangaliso esingako, hhayi eziningi kakhulu. Benza okuthize, bebashaya ngobumpumputhe, ushumayela iVangeli kushaya ngobumpumputhe. . .Lapho babekulelozinga lehlelo, behlela lapho beshumayela iVangeli. UBilly Graham lowo omkhulu, umvangeli onamandla kumaBaptisti namaPresbyterian, o, ubeka umugqa phansi kubo. Kodwa niyabo, wabashumayeza, ebabizela ngaphandle.

216 Kodwa kwakukhona eYodwa eyasala no-Abrahama, futhi Yanika u-Abrahama isibonakaliso. Manje, lalelisisani ngempela. Usuku nje ngaphambi kwalokho, igama lakhe kwakungu-Abrama, negama lakhe kwakunguS-a-r-a-y-i, uSarayi. Futhi Waguqula igama lakhe lisuka ku-Abrama laya ngu-Abrahama, uyise wezizwe; h-a-m, A-b-e-r-a-h-a-m-a, izinhlamvu eziyisikhombisa, A-b-e-r-a-h-a-m-a, Abrahama. Manje, Waguqula igama likaSara lisuka kuS-a-r-a-y-i laba nguS-a-r-a, inkosazana.

217 Manje, iziNgelosi e—ezehlela phakathi lapho, zehla futhi zashumayela iVangeli, futhi zabatshela ukuthi, "Phumani ku—phumani kuleyonxushunxushu ezansi lapho, phumani kubo." Futhi akusikho lokho uBilly Graham, nalabo abakhulu, uJack Shuler, nalabo bafo namhlanje, bebiza kuphume iBabiloni umhlaba jikelele na? Kodwa iNgelosi eyahlala neBandla elalingakaze libe seSodoma, bhekisisani Eyakwenza njengesibonakaliso.

218 Manje, uSara wayengafani nabesifazane besimodeni banamuhla. E-hhe. Wahlala etendeni. Ngakho leNgelosi yathi ku-Abrahama, Yathi, "Abrahama," hhayi Abrama, "Abrahama,"

Yalazi kanjani igama lakhe ukuthi kwakungu-Abrahama manje na? "Uphi umkakho," uS-a-r-a, "uSara na?" Yazi kanjani ukuthi wayeshadelwe na? Kanjani, Yazi ukuthi igama lakhe kwakungu-Abrahama, ngenkathi kwakungu-Abrama na? Yamazi kanjani uSara, umkakhe (kwakunguSarayi), kwakunguSara na?

"Abrahama, uphi umkakho, uSara na?"

U-Abrahama waYibheka, wathi, "Ngani, usethendeni emva kwaKho."

219 Wathi, "Abrahama, Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila. Mina," leso sabizwana somuntu futhi, Yena impela, mnike igama. Niyabo? "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila."

220 NoSarah, ngaphakathi kwetende emva kweNdoda, wathi, "Mina, isalukazi na? Ngani," wathi, "angizange ngibe nenjabulo nenkosi yami," umyeni wakhe lapho, "ngokuba, mhlawumbe bese kuyiminyaka engamashumi amabili." Wathi, "Mina isalukazi, nenkosi yami nayo isigugile na? Siphinde sibe nenjabulo njengabantu abasha na?" Futhi yena, lokho esikubiza kanjalo, wahlekela ngaphakathi, ethi ukuhlekela kuye.

Futhi iNgelosi yathi, "Uhlekeleni uSara na?" Whewu! Yamthusela ukufa. Kwakuyini na?

221 Manje, kwakuyini lokho na? NaleyoNdoda eyakhuluma no-Abrahama, u-Abrahama waYibiza ngokuthi Nkulunkulu, usonhlamvukazi N-k-o-s-i. Futhi noma yisiphi isifundiswa seBhayibheli siyazi ukuthi Lowo o—Lowo Okhona ngokwaKhe, u-Elohim, niyabo, uNkulunkulu okhona ngokwaKhe.

Enye indoda yathi kimi, yathi, "Ubungeke ukholwe ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu na?"

222 Ngathi, "IBhayibheli lathi KwakunguNkulunkulu." Ngathi, "Ngani, kuyini lokho kuNkulunkulu na?" Ngathi, "Senziwe ngezakhi eziyishumi nesithupha, leyo yikhalisiyamu, ipotashi, nepetroliyamu, nokukhanya kwekhozimikhi."

223 UNkulunkulu wavele wafinyelela futhi wathola okugcwele isandla kwalezozakhi zomhlaba, wathi, "Whewu! Ngena lapho, Gabriyeli, sehlela eSodoma." Walulekela ngale wase ethola okunye okungagcwala isandla, "Whewu! Ngena lapho, Mikhayeli," futhi, "Whewu!" wangena Yena uqobo. Ngani, Wakwenza! Uyadla, Udla i—Udla ithole elabulawa ngu-Abrahama (Ingabe kunjalo na?), waphuza ubisi, futhi wadla isinkwa sommbila, futhi wadla ibhotela. Kunjalo. UNkulunkulu! Awu, ngi—ngiyajabula. Akuyilutho kaNkulunkulu, uvele ukhohlwe ukuthi Ungubani. Ngijabule kakhulu.

224 Ngisele nje cishe nezine noma izinwele ezinhlanu, niyazi, futhi ngoluny'usuku ngangikama lezozinwele ezine

noma ezinhlanu, nomkami wathi kimi, wathi, "Billy, usuba nempandla."

Ngathi, "Kodwa angikalahlekelwa nangolulodwa lwazo."

Wathi, "Ini?"

Ngathi, "Angikalahlekelwa nangolulodwa lwazo."

Wathi, "Ngiyakuncenga, ngitshele ukuthi zikuphi."

225 Ngathi, "Kulungile, s'thandwa, ngizokutshela. Awungitshele ukuthi zazikuphi ngingakazitholi, zilapho zilinde mina ukuthi ngize kuzo." Yilokho kuphela. Kunjalo.

226 Wathi, "Zonke izinwele zekhanda lenu zibaliwe. Akukho okuzolahleka. Ngiyakuzivusa futhi ngezinsuku zokugcina." Onginika zona manje, angeze Azibuyisele futhi ngesithembiso na? Uma Engenza lokho engiyikho ngaphandle kokuzikhethela, Angangenza kakhulu kangakanani ngibuyele ngokukhetha, ngokuMthatha na? Amen.

227 O, ngizizwa ngikholwa manje, yebo, mnumzane, ukwazi ukuthi kukhona ukuvuka okuzayo, futhi sizobuyiselwa futhi njengoba Akhombisa u-Abrahama phakathi lapho. Qaphelani. Manje, uJesu wathi lowo kwaku—lowo kwakunguNkulunkulu ebonakaliswa enyameni yomuntu.

228 Ngifuna ukunibuza okuthize. Akumangalisi yini, kulelobandla lokuzishoyo phandle lapho, asikaze, kuyo yonke iminyaka, asikaze sike sibe nendoda, umfundisi, kulawomabandla igama lakhe elagcina ngoh-a-m kuze kube namuhla? H-a-m. Niyakwazi lokho, kunjalo? Sibe neMoody, uSankey, uBilly Sunday, noKnox, uCalvin, uSpurgeon; kwehle njalo, sike saba nazo zonke izinhlobo zamadoda, kodwa akukaze kube neyodwa eyagcina ngo h-a-m, uG-r-a-h-a-m, ebandleni ezansi eSodoma. UG-r-a-h-a-m, isithunywa ebandleni eSodoma, ekhombisa impela uMlayezo owawu... abakwenza ngaleso sikhathi. Futhi akashongo yini uJesu, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma..."? Kukhona uBilly Graham, uG-r-a-h-a-m, phandle lapho ensimini.

229 Manje, Uthumela isithunywa eBandleni elikhethiwe, iPentecostal elikhethiwe, elidonselwe ngaphandle, hhayi phandle lapho ebandleni elizisho ngegama, kodwa iBandla elikhethiwe. NeBandla ngokwalo linguMoya oNgcwele uhamba eBandleni yikho okwenza imisebenzi. Lowo kwakungewona umzimba wenyama, mhlasimbe wanyamalala. Kodwa kwakunguNkulunkulu kuleyonyama, ekhombisa ukuthi uNkulunkulu wayeyophinde ahlale enyameni ehlengiwe yeBandla laKhe ngezinsuku zokugcina futhi wayeyokwenza isibonakaliso esifanayo, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Haleluya! Nakho lapho okhona, uJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade. "Banumzane, sithanda ukubona uJesu."

230 O, impela. Uzobonani na? Ukubonakaliswa kweZwi. "Futhi iZwi libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba lize lihlukanise ithambo, futhi laHlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo." Bangane, lowo bekunguJesu izolo. Futhi uma iZwi libonakaliswa futhi namuhla, ngeke yini kube nguJesu namuhla na? Ngabe kuzoba okufanayo izolo . . . ? Bangaki abakukholwayo lokho na? Asikhuleke.

231 Baba waseZulwini, uBukhona baKho obukhulu, obuhloniphekile buphakathi lapha bujabulisa abantwana baKho, buthulula amafutha okukholwa angene enhliziyweni yabo, ukwemukela izibusiso zikaNkulunkulu ezibekelwe bona. Manje sibizwa ngeGama laKho, futhi Wathi uma sibuthana futhi sikhuleke, ukuthi Uzozwa useZulwini, uphulukise izwe. Futhi silapha, kulobubusuku, phezulu le lapha, ekupheleni kwemigwaqo, phandle lapha eziqhingini, le ngaphandle udlule oGwini lwaseNtshonalanga, emuva le. Futhi Wena wathi . . . umprofethi wathi, "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa."

232 Abahlezi kulesi sakhiwo, kulobubusuku, amaNdiya Owabeke lapha, futhi imfihlo ikuWe, ukuthi Uwathole kanjani lapha, kodwa Uwalethe lapha. Sesisemngceleni wamanzi ngqo. Futhi siyasibona isithunywa esiye eNzalweni ka-Abrahama ebiziwe, ibandla ngokwendawo, eliphumele phandle lapho eBabiloni, sibonisa isibonakaliso saso phandle lapho.

233 O, Nkosi, siyakhuleka, kulobubusuku, ukuthi eGameni likaJesu ukuthi Uzokwenza leliqembu elincane labantu lazi ukuthi Awufile, Uvukile kwabafileyo, neminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokugxeka ayikwazanga ukususa Wena. Usekhona lapha, ufakazela ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

234 Baba waseZulwini, iqembu elithandekayo labantu lapha, bahlezi kulesi sakhiwo esishisayo, futhi manje, bavuze, Nkosi, futhi ngibheke ngokulangazela komntwana, ngenhliziyo enjengomntwana ngesikhathi sikaKhisimuzi, elindile. Njalo . . . Yonke leminyaka, Nkosi, Awuzange usehlulekise, kodwa nokho, inhliziyo yami iyagxuma njalo lapho ngicabanga ngaWe ungena eBukhoneni bethu, noma thina eBukhoneni baKho. Manje, ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzongena ezinhliziyweni zethu.

235 Nika lababantu ukukholwa, kulobubusuku, ukuba bakholwe. Futhi yipha manje ukuthi Uzongipha ukukholwa, Nkosi. Kodwa ukukholwa kwami ngaphandle kokwabo bekungeke kusize ngalutho, sifanele sibe nokukholwa ndawonye, ngoba siyimbumba, singuMzimba weNkosi uJesu. Futhi sibuthene ndawonye ehholo elincane eliqashiwe kulobubusuku njengoba benza ezinsukwini esezadlula, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule.

236 Futhi manje, sikhulekile kulelikamelo eliphezulu, kulobubusuku, ukuthi Uzongena lapha futhi uzokhombisa, kulababantu, ukuthi Usaphila. Futhi, Baba, uma nje Uzokwenza, wonke umuntu ophakathi lapha uzohamba ejabule, bazohamba bekholelwa ukugula kwabo nezono zabo ukuba zithethelelwe, bayoba nesibindi. Laba . . . Abaningi balababantu abampofu abangenakho ngisho nokudla okwanele, mhlasimbe, futhi abanye babo ba—baphila kancane, abanye mhlawumbe, Nkosi, bayazabalaza nje usuku nosuku. Futhi sonke simpofu, Nkosi, futhi si—sizama uku—sizama ukwenza iZulu iKhaya lethu.

237 Woza phakathi kwethu kulobubusuku, Baba. Lamazwi engiwashumayelile, azovele awele eceleni kwendlela uma Ungezi ukuzowaqinisekisa. Siphe khona, Nkosi. Sizokubonga. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

238 Manje, ngizonitshela . . . Sekusele ikota kushaye eleshumi. Ninganginika nje omncane, umugqa omfishane womkhuleko, cishe imizuzu eyishumi nanhlanu na? Asi . . . Nizokwenza na? Kulungile. Manje, ngikholwa ukuthi uBilly uthe ukhiphe, mangaki? Cishe amakhadi omkhuleko angamashumi amahlanu? Kulungile.

239 Manje, amakhadi omkhuleko . . . Wonke umuntu, unekhadi lomkhuleko, libambe *kanje*. Yikhadi lomkhuleko elincane nje elinenombolo kulo, linenombolo ekhadini lomkhuleko. Futhi manje, singathanda ukubona . . . Ake sibone, sizoqala kuphi na? Asiqale ngelokuqala, kulobubusuku. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu. Asibabone besukuma. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu. Ikhadi lomkhuleko lokuqala, ubani onelokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu na? Ake sibone isandla sakho. Elokuqala, elesibili, elesithathu. Ake sibone esinye. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu.

240 Uqinisekile ukuthi bonke abantu bayasazi isiNgisi na? Bonke bayasazi isiNgisi? Ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala na? Phakamisa isandla sakho. Elokuqala, elesibili, elesibili. Lingasho kanjani iNdiya ukuthi elesibili, uma belikusho ngolimi lwalo na? Kulungile. Nikuzwile. Elesibili, ikhadi lomkhuleko lesibili na? Elesithathu, ubani onelesithathu? Lelinenekazi linelesithathu. Elesine, ubani onelesine, ikhadi lomkhuleko na? Lelo nenekazi lapho. Kulungile.

241 Impela kukhona oyedwa, ababili, noma abathathu lapha ndawondawo. Bukani, wonke umuntu buka amakhadi omunye. Bheka ngale . . . Wonke umuntu, onekhadi, phakamisa isandla sakho. Wonke umuntu, onekhadi lomkhuleko, phakamisa isandla sakho. Manje, bukani ikhadi lomunye. Bheka ngale . . . Niyabo, mhlawumbe abezwa. Niyabona kungase kube ngumuntu oyisithulu, futhi—futhi ngibageje ngaso leso

sikhathi. Niyabo? Bona...Noma mhlawumbe abakwazi ukuhamba, bakhubazekile futhi abakwazi ukuhamba. Elokuqala, elesibili. Ubani onelokuqala noma elesibili na? Elesithathu, inenekazi linalo. Elesine, sinalo. Kulungile. Elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi. Kulungile. Mabasukume beze ngapha. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi, mabeze nje khona lapha ekhoneni. Kuhle lokho. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa.

242 Kunamakhadi amathathu ashodayo manje. Kunamathathu awo ashodayo manje. Niyabo, kungani ngifuna ukuthola onke awo, ngoba othile uyabhala futhi angitshele kamuva, wathi, "Awu, akukho-muntu ongitshelile. Ngangiyisithulu. Angikwazanga ukusukuma futhi akekho owangitshela." Niyabo? Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi.

243 Nangu omunye, lomfo lapha. Manje, ithini inombolo yakhe? Eyesibili? Kulungile, elokuqala. Elokuqala, ikhadi lomkhuleko lokuqala? Sinelesibili, elesithathu. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye. Sishoda oyedwa. Elokuqala? Awu, uma bephuma, mhlawumbe baphumile, futhi bazobuya bangene, emzuzwini nje. Kulungile. Uma bephumile, banendawo yabo emgqeni.

244 Manje, khumbulani, wonke umuntu ophethe ikhadi lomkhuleko, uma singafiki kulo kulobubusuku, sizofika kulo, futhi sizokhulekela wonke umuntu oza emhlanganweni futhi ofuna ukukhulekelwa.

245 Manje, ake sibone. Lelo ishumi, isishiyagalolunye. Ake sibone ishumi, ishumi nanye. Ubani onekhadi lomkhuleko leshumi nanye na? Qhabo? Ishumi nambili? Kulungile, mnumzane. Ishumi nantathu, ishumi nane? Kulungile, nenekazi, ngapha. Ishumi nanhlanu?

246 Manje, uma uza...Ake ngisho lokhu. Niyabo? Manje, uma ufika futhi uthola ikhadi, libambe. Niyabo? Ungalishintshi, ulinike omunye umuntu; ufanele ube lapha ukuzitholela lona. Thatha ikhadi lakho ulibambe. Niyabo? Niyabo, omunye umuntu angathatha leyondawo. Uyabo? Uma uthola ikhadi, libambe. Asazi ukuthi sikuphi...uMoya oNgcwele uzosenza sidonse, futhi si—sifuna nina lapho ngaleso sikhathi. Ngakho-ke woza, thatha ikhadi lakho.

247 Ake siqale ngalokho ngqo. Abanye uyangena, futhi sinababili noma abathathu abashodayo, kodwa lokho kuzolunga. Manje, sifuna u—ukholwe manje ngayo yonke inhliziyo yakho.

248 Manje, ngifuna ukunaka kwenu lapha. Bangaki esakhiweni ogulayo, futhi ongenalo ikhadi lomkhuleko futhi angeke abizwe emgqeni na? Phakamisani izandla zenu. Ake sibone. Wonke umuntu? Awu, kubonakala kukuyo yonke indawo.

249 Manje, lapha, manje ngenkathi besaqondisa lowomugqa womkhuleko phezulu kulelogumbi lapho, ngifuna ukunibuza okuthize. Lalelani manje, eduze manje. Manje, konke engikushilo kuzoba yize uma lokhu kungenjalo. Uma . . . Noma iyiphi indoda ingasho noma yini. Kodwa uma uNkulunkulu . . . Uma kungekho eZwini likaNkulunkulu, ungakukholwa kwasekuqaleni, kodwa uma KuyiZwi likaNkulunkulu, khona-ke bheka uNkulunkulu ukuba asigcine lesosithembiso, ngoba uNkulunkulu ufanele asigcine isithembiso saKhe ukuze abe nguNkulunkulu. Uma ngizokhuluma iqiniso, ngifanele ngigcine isethembiso sami. Niyabo? Indoda ehloniphekile—indoda ehloniphekile ihlale igcina izwi layo. Niyabo? Uligcina njalo izwi lakho.

250 Manje, ngamunye wenu phandle lapho, ongekho kulomugqa womkhuleko, futhi ongeke abe kuwo, ngaphandle kwamakhadi omkhuleko, bhekani ngapha. Ake ngikutshele ukuthi wenzani.

251 Kwakukhona owesifazane omncane, ngesinye isikhathi, eBhayibhelini. Ngizokunika indaba encane. Naye wayengenalo ikhadi lomkhuleko, kodwa ubone uJesu eza enqamula ulwandle, futhi wayesezansi lapho, omunye wamtshela ukuthi Wayesezansi. Futhi wakholwa uma kuphela ubengathinta ingubo yaKhe ukuthi wayezosindiswa. Nake nayizwa indaba na? Bangaki abake bayizwa na? Impela.

252 Owesifazane wathinta i . . . Wayenomopho. Futhi manje, khumbulani, futhi ngike ngaba kulelozwe, ingubo yasePalestine iyaxega, yingubo ende, futhi inengubo yangaphansi ngaphansi kwaleyo, ivikela uthuli ezithweni.

253 Manje, uma ethinte umphetho wengubo yaKhe, ngokomzimba, Akakuzwanga, niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, Akakuzwanga emzimbeni waKhe. Kodwa wathi ngaphakathi kuye, "Ngikholwa ukuthi UyiNdoda engcwele, futhi uma nje ngingaMthinta, ngizosinda." Ngabe kunjalo na? Futhi wayenomopho.

254 Futhi waphusha esixukwini, wayesehla, wayesethinta umphetho. Lokho kwakukude *kangako* nemilenze yaKhe, lapho leyongubo iwulazela. Futhi wathinta umphetho wengubo yaKhe, wayesesukuma, futhi wabuyela emuva, futhi mhlawumbe wahlala phansi ezethamelini, futhi uJesu wema, Wathi, "Ubani oNgithintile na?"

Futhi niyazi ukuthi uPetru wathini na? UPetru waMkhuza, wathi, “Nkosi, kungani Usho into enjengaleyo na?” Wathi, “Awu, wonke umuntu uyaKuthinta.”

“Sawubona, Rabi, Mprofethi omkhulu kaNkulunkulu.” “Wena mkhohlisi.” Wonke umuntu, niyabo, wonke umuntu uyaMthinta.

Wathi, “Wonke umuntu uyaKuthinta. Ubungasho lani ukuthi ‘Ubani oNgithintile?’”

255 Wathi, “Kodwa ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka. Amandla,” amandla okuqina, “asukile kiMi, sengibe buthakathaka.” Lowo wesifazane oyedwa omncane waMthinta futhi waMenza waba buthaka. Futhi Waphenduka, futhi Wabuka phezu kwezethameli Waze wamthola, wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, futhi wathi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Ngabe kunjalo na?

Manje, lowo kwakunguJesu Kristu izolo. Ngabe kunjalo na? Awu, uma Esenguye namuhla, Angeke enze okufanayo na?

256 Manje, kubafowethu abangabefundisi, bangahle bafune umBhalo walokho, ngizoninika owodwa manje. IBhayibheli lathi, kumaHeberu isahluko se 3, ukuthi uJesu Kristu, khona manje, namuhla, ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Ngabe kunjalo, bazalwane na? Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso, iBhayibheli liyakusho lokho? Ukuthi UngoMkhulu. . . Awu-ke, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, Ubezokwenza kanjani namuhla na? Ngokufanayo njengoba Enza ngaleyonkathi. Ngabe lokho kuMenza abenguye izolo, naphakade na?

257 Khona-ke manje, uma uza lapha futhi ungithinte, ngifana noyihlo, noma umfowenu, umyeni, noma yini enye, bekungeke kusize nakancane, ngiyindoda nje, thinta umelusi wakho, into efanayo. Kodwa Mthinte futhi ubuke uMoya wehla. Niyabo? Amen. Yilokho-ke, niyabo. Lokho kuMenza abe onguye izolo, naphakade. Bekungeke kube yimina, bekungaba yisipho Asebenza ngaso.

258 Mfowethu Wood, uziphathile lezo zithombe noma yini na? U—unazo? O, ubunazo phezulu lapho emsamo na? Nizibonile kulobubusuku na? Sizoba nazo kusasa ebusuku. Ningathanda kanjani ukubona isithombe saKhe na? Sinaso khona lapha mfowethu. Khona manje, silenga eWashington, DC, inelungelo lokushicilela, okuwukuphela kweSidalwa esingaphezu kwemvelo esake sathwetshulwa, leyoNsika yoMlilo efanayo eyalandela abantwana bakwa-Israyeli, nansi la Ikhona. Futhi Izokwenza umsebenzi ofanayo Eyawenza.

259 UJesu wathi, “Ngivela kuNkulunkulu futhi ngaya kuNkulunkulu.” Wafa, wavuka, wenyukela eZulwini. NoPawulu, endleleni yakhe ehlela eDamaseku, iNsika yoMlilo

enkulu yamshaya waphuphutheka. Wathi, "Nkosi, UnguBani na?"

Wathi, "NginguJesu." Ngabe kunjalo na? Onguye izolo, namuhla, naphakade.

260 Manje, wena ongenalo ikhadi lomkhuleko, buka ngapha, futhi qala ukukhuleka nje. Qala ukukhuleka, uthi, "Nkosi Jesu, ngiyaKukholwa. Naleyondoda endala emile phezulu lapho, emsamo, ayingazi."

261 Awu, akukho-muntu kulesisakhiwo engimaziyo, ngaphandle kukaMfowethu Wood, ngimbona emi emuva lapho. Ngikholwa ukuthi lowo nga, abazalwane abathi ababe babili lapho, uMfowethu Fred Sothmann ovela eCanada lapha, ngiyamazi. Kodwa akukho muntu kulendawo lapha, lapho . . . Bangaki kini abayizihambi kimi na? Phakamisani izandla zenu. Wonke umuntu ongavamile, futhi uyazi ukuthi angikwazi, phakamisa isandla sakho. Nina bantu emugqeni womkhuleko, uyazi ukuthi ngiyisihambi kuwe, phakamisa isandla sakho. Niyabo? Kulungile.

262 Manje, kholwani nje futhi nithi, "Nkosi Jesu, ngokukholwa ngiyakholwa ukuthi lokho lowo mfowethu akusho kuliQiniso. Ngiyagula, Nkosi, mangiKuthinte." Bese-ke uthi . . . Yenzela Yena. Bhekisisani uMoya oNgcwele wehla ngqo udabula lapha futhi wenza into efanayo Ayenza. Uma Ungakwenzi, khona-ke ngingumprofethi wamanga. Uma Ukwenza, khona-ke ukholweni Wona. Kunjalo.

263 Manje, lendoda lapha, umnikile umfana ikhadi lakho phakathi lapho na? Ya, kulungile. Ukhuluma isiNgisi kahle na? Siyi—siyizihambi omunye komunye. Ngikholwa ukuthi ungumfowethu ongumNdiya. Ingabe lokho . . . umNdiya? Awu, silapha-ke, izihambi ezimbili, amadoda amabili, awakaze ahlangane ngaphambilini empilweni. Manje, umi lapha, uyindoda nje, ngimi lapha njengendoda. Ulapha ngesizathu esithile engingasazi. Angikaze ngimbone, futhi ngi . . . awu, isikhathi sethu sokuqala lesi.

264 Kodwa manje, uma uKristu enguye izolo, namuhla, naphakade, angahle a . . . futhi lendoda ingase ibe lapha ngenxa ye, mhlawumbe izidingo zezezimali, mhlawumbe inkathazo yezasekhaya, okuthile okungalungile ekhaya lakhe. Kungahle kube ngukuthi uyagula, noma mhlawumbe umele omunye umuntu lapha. Angazi, angikaze ngimbone. Kodwa manje, ukuba ubemi lapha, ngase ngithi, "Udumo kuNkulunkulu. Haleluya! UNkulunkulu ungithumile ukuba ngikhulekele abagulayo," ngibeke izandla kuye. Ngingathi, "Uyagula, mnumzane?"

Uyothi, "Yebo, ngiyagula."

265 Ngibeka izandla phezu kwakhe, ngithi, "Udumo kuNkulunkulu. Hamba, usinde." Bekungalunga lokho. Kodwa

ukuba-ke uMoya oNgcwele wehlela lapha, futhi umtshele ukuthi ubeyini na? Uzokwazi ukuthi ngabe lokho kuyiqiniso noma qha. Futhi uma Azi ukuthi ubeyini, angakholwa ngempela lokho ayoba yikho, uma Engamtshela abeyikho. Ngabe kunjalo na? Manje, bangaki abangakukholwa lokho ngenhliziyo yakho yonke na? Uthi, "Ngizokwamukela." Manje, sengathi iNkosi uNkulunkulu ingakupha.

266 Ngifuna nje ubuke ngapha, mnumzane, ukuba nje ngikhulume nawe umzuzu, ngiyisihambi. Futhi uma kukhona noma iyiphi indlela engingayenza ukuze ngikusize, ngingakwenza. Kodwa uma iNkosi uNkulunkulu ingangitshela, njengokuthi, uzele ini lapha, okwenzile, okuse. . .obufanele ukwenze, noma yini engalungile ngawe, noma okuthize, ubuyokwazi ukuthi ngabe lokho bekuyiqiniso noma qha. Futhi ngakho, khona-ke si. . .kuzokwenza izethameli zikholwe. Kukwenza ukholwe, bekungeke na? Isizathu uyazi bengiyoba. . . angikwazanga ukukwenza mina uqobo, ngoba ngingumuntu nje, njengoba unjalo, bekuyofanele kube amandla athile angaphezu kwawemvelo. Futhi uma kungamandla angaphezu kwawemvelo. . .

267 Manje, abaFarisi bangalolosuku bathi kwa—kwakunguBelzabule, udeveli, bona ukuthi kwenzekani kubo. Labo abakholwa ukuthi kwakunguKristu, bemukela umvuzo kaKristu.

268 Manje, ngiyanitshela manje, indoda, emi lapha, ingaphansi kobunzima. Kunjalo. Imi lapha ngoba ayazi neze ukuthi kumele ihambe ngaphi, ngoba yinto ethile exakile, kuyaqala ngqa kulelizwe. Ungethuki, mnumzane, Lokho ngeke kukulimaze, Lowo nguKristu. Ake ngikubonise ukuthi Kunguye. Niyabo? Uzele ukuphulukiswa, ubuthakathaka, uke waba nenkathazo ethize, kade usegumbini lokuhlinzwa. Ube nokuhlinzwa, futhi lokho kwakungenxa yezilonda esiswini, futhi ube buthakathaka ngempela ngalokho. Futhi ulapha ngenxa yokuthi. . .Ingabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Konke sekuphelile, futhi uzosinda. UNkulunkulu akubusise. Ukukholwa kwakho kuyakuphilisa.

269 Uyakholwa na? "Mnumzane, sithanda ukubona uJesu. Sithanda ukubona uJesu." Manje, mhlasimbe abangani bakhe abangamaNdiya phandle lapho bebemazi. Uma—uma nje ungakholwa. Kulungile.

270 Manje, nangu owesifazane ovela e-Anglo-Saxon. Manje, nansi indoda nowesifazane, ngicabanga ukuthi siyizihambi omunye komunye, sike sa. . .okokuqala ukubonana. Manje, angimazi owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami. Uyisihambi. Futhi manje, mhlasimbe si. . .Mdadlana kunami, futhi si—si. . .sizalwe ngokuqhelelana ngamamayela neminyaka ukuhlukana, futhi lokhu kungokokuqala sibonana. Kodwa

manje, uma uMoya oNgcwele kaNkulunkulu uzongazisa ukuthi uzele ini lapha, noma okuthize ngawe, uyazi ukuthi angazi, khona-ke, ukwenza wena ukholwe, akunjalo na? Kulungile. Kholwa nje manje.

271 Inenekazi, ngiyalibona lihlezi etafuleni, qhabo, liyahlehla. Yisisu salo, linenkathazo yesisu. Kunjalo impela. Isimo se-Peptic, futhi kubangela ukuvutha, ama-asidi, nokunye nokunye. Unokwethuka, esikwenza udangale, sekuhlwile uyakhathala futhi udabuke. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Ingabe lokho kuzokusiza na? UNkosazana Berling. Futhi . . . Kunjalo. Kulungile. Hamba, ukholwe manje, leyonkathazo yesisu izokushiya futhi uzosinda.

272 Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje na? Kulungile . . . ? . . . Yiba nokukholwa nje. Ungangabazi. Kulungile. Manje, manje, lokho kungenza ngibe butha- . . .

